- 6 Teach learners the actions for the song and have fun singing in more than one language.





Nakhu ozokudinga:

- Amaphaphethi asendabeni
- Okudingeka eshashalazini: ingubo eluhlaza satshani noma impahla eluhlaza satshani, ibhokisi elidala elizoba ikhabethe, amaphijama

Isono 1 Usuku 3

Umsebenzi wekilasi lonke

Ukuxoxa indaba kanye nokuyidlala

- 1 Cula iculo.
- 2 Buza abafundi ukuthi bayayikhumbula yini incazelo yamagama asohlwini lwamagama amasha. Isibonelo: *"Ubani okhumbulayo ukuthi ubuso bakho bubukeka kanjani uma 'ukhathazekile'?"*
- 3 Khetha abafundi abazoba ngabadlali endabeni.
- 4 Khuluma kubafundi ngendaba. Tshela abafundi ukuthi bazoba ngobani uma kudlalwa indaba, bese ubakhombisa izinto abazozisebenzisa ukuxoxa indaba.
- 5 Chazela abafundi ukuthi wena (thisha) uzoba ngumxoxi wendaba, kanti futhi uzokwaziwa njengomlandi. Abafundi abazolingisa bazoyenza yonke into ozoyisho. Basize ukuhlela ukuthi bazokuma kanjani.
- 6 Qala uxoxe indaba, bese ukhuthaza abafundi ukuthi benze iminyakazo ehambisana namagama, ngenkathi ikilasi lonke libukela kudlalwa.
- 7 Uma isikhathi sikhona, bangawuphinda umdlalo sewudlalwa ngabanye abafundi.

Nakhu ozokudinga:

- Izithombe ezinkulu ezilandelanayo

Isono 1 Usuku 4

Umsebenzi wekilasi lonke

Ukulandelanisa izithombe


- 1 Cula iculo futhi.
- 2 Yethula amagama owacaphune ohlwini lwamagama amasha.
- 3 Khetha esisodwa sezithombe usibambe usiphakamise. Buza abafundi ukuthi babonani, bese ukhuluma ngesithombe ngokujulile.
- 4 Uma sewuxoxile ngesithombe ngasinye, sinamathisele ebhodini ukuze abafundi basibone. Kuqinisekise lokho izithombe azilandelani okwamanje kulo msebenzi.
- 5 Emva kokukhuluma ngazo zonke izithombe, buza abafundi uthi: *"Ngabe izithombe zilandelana ngokwamukelekile na?"*
- 6 Cela abafundi ukuthi bakhombe isithombe esihambelana nesiqalo sendaba. Sebenzisananani ukulandelanisa izithombe ukuze indaba ilandeleke.
- 7 Gcina abafundi benamathele kukho konke okwenziwayo. Buza imibuzo efana nokuthi: *"Kwase kulandelani? Ngubani okhumbula into eyenzeka emva kwalokho?"*
- 8 Uma izithombe sezilandelana kahle, cela abafundi abambalwa ukuthi baphinde bayixoxe indaba ngokulandelana kwezihlakalo.


UStella uthi:



Lena yimibuzo ewusizo engabuzwa ngesithombe ngasinye:

- *"Ngabe ubona bani?"* (abalingiswa)
- *"Ngabe wenzani?"* (izenzo neminyakazo)
- *"Yini enye oyibonayo?"* (ukubheka futhi)
- *"Ikuphi i...?"* (ukusho izindawo)
- *"Kungani ucabanga ukuthi ...?"* (Ukucabanga okunokuqamba, ukuveza imibono)





You will need:

- Puppets for the story
- Props: a green dress or piece of green material, an old box for a cupboard, pyjamas



Week 1 Day 3

Whole class activities

Storytelling and role play

- 1 Sing the song.
- 2 Ask learners if they can remember the meaning of words from the vocabulary list. For example: *"Who can remember how your face looks when you are 'worried'?"*
- 3 Choose learners to play the characters in the story.
- 4 Talk about each character in the story. Tell learners who they are going to be in the role play and show them the props that will be used to tell the story.
- 5 Explain to learners that you (the teacher) are going to be the storyteller, also known as the narrator. The acting learners are going to act out everything you say. Help them to organise where they are going to stand.
- 6 Start telling the story and encourage learners to do the actions to match your words while the rest of the class watches the role play.
- 7 If there is time, you may want to repeat the role play with different learners.

You will need:

- Big sequence pictures

Week 1 Day 4

Whole class activities

Sequencing pictures


- 1 Sing the song again.
- 2 Introduce new words from the vocabulary list.
- 3 Choose one of the sequence pictures and hold it up. Ask learners what they see, then talk about the picture in detail.
- 4 Once you have discussed each picture, stick it on the board so learners can see it. Make sure the pictures are not in sequence at this stage of the activity.
- 5 After talking about all the pictures, ask learners: *"Are the pictures in the correct order?"*
- 6 Ask learners to point out the picture for the beginning of the story. Work together to arrange the sequence of the pictures so the story makes sense.
- 7 Keep learners actively involved in this process. Ask questions like: *"What happened next? Who can remember the next part of the story?"*
- 8 When the pictures are in the correct order, invite a few learners to retell the story in the correct sequence.

Stella says:



These are useful questions to ask about each picture:

- *"Who can you see?"* (characters)
- *"What is he/she/it doing?"* (verbs and actions)
- *"What else can you see?"* (looking again)
- *"Where is the ...?"* (naming places/position)
- *"Why do you think ...?"* (creative thinking, expressing opinions)





Nakhu ozokudinga:

- Iphepha elingenalutho eliwu A4 lizonikwa umfundi ngamunye libe nesihloko sendaba esibhalwe ngaphezulu ekhasini
- Inhlanguisela yamakhrayoni asamafutha

Isonto 1 Usuku 5

Umsebenzi wekilasi lonke

Yakha, udwebe bese uyabhala

- 1 Bhala isihloko sendaba phezulu ekhasini lomfundi elingenalutho ngaphambi kokuthi siqale isifundo.
- 2 Cela abafundi ukuthi bakhombe amagama esihloko ngenkathi uwafunda.
- 3 Buza abafundi ukuthi bathande kakhulu yiphi ingxenye yendaba. Nikeza imibono nawe. Isibonelo: *"Uyithandile yini lendima lapho uZinzi ethola uSipoti ekhabetheni?"*. Khuthaza abafundi ukuthi badwebe ingxenye abayithanda kakhulu endabeni.
- 4 Nikeza imibono yakho noma ucele umfundi ngamunye ukuthi akhulume ngomdwebo wakhe.
- 5 Buza abafundi ukuthi bayathanda yini ukubhala okuthile ngezithombe zabo noma mhlawumbe bafuna kubhale wena yini ngazo.
- 6 Uma kungukuthi bafuna kube nguwe obhalayo, babandakanye nabo ngokubacela bawasho ngokungasheshi amagama ngenkathi uwabhala. Bhala ukhuluma kuyo yonke imisho yabo. Isibonelo: *"Zinzi ... uthole ... uSipoti... e... iliphi igama obufuna ukulisho? Ekhabetheni. Ngizobhala igama 'ikhabethe'."*
- 7 Kubhale njengoba kunjalo okushiwo ngabafundi, igama negama, noma ubabuze ukuthi bayalwamukela yini uguquko emagameni abo ngaphambi kokuthi ulwenze. Khumbula ukubhala kuhlanzeke kucace.
- 8 Uma sewuqedile ukubhala, bakhuthaze abafundi ukuthi bawufunde kanye nawe umusho. Khomba igama ngalinye ngenkathi ulifunda, bese ubabonga ngemizamo yabo.

Ngiyayithanda ingubo
kaZinzi enhle esatshani.





You will need:

- A blank A4 page for each learner with the title of the story written at the top of the page
- Jumbo wax crayons

Week 1 Day 5

Whole class activities

Make, draw and write

- 1 Write the title of the story at the top of each learner's blank page before the lesson.
- 2 Ask learners to point to the words of the title as you read them together.
- 3 Ask learners what part of the story they liked best. Give some suggestions. For example: *"Did you like the part when Zinzi found Spot in the cupboard?"* Encourage learners to draw their favourite part of the story.
- 4 Make a comment or ask each learner to tell you about their drawing.
- 5 Ask learners if they would like to write something about their picture or if they would like you to write for them. Some learners may only be able to say a few words about their picture.
- 6 If learners would like you to write for them, keep them involved by asking them to say the words slowly as you write them down. Think aloud as you write their sentence. For example: *"Zinzi ... found ... Spot ... in ... the ... What word did you want to say next? Cupboard. I am going to write the word 'cupboard'."*
- 7 Write exactly what learners tell you, word for word, or ask learners if they agree before making any changes to their wording. Remember to write neatly and clearly.
- 8 When you have finished writing, encourage learners to read the sentence with you. Point to each word as you read and acknowledge their efforts.

I like Zinzi's pretty green dress.





Nakhu ozokudinga:

- Izithombe ezinkulu ezilandelanayo
- Incwajana ekhophiwe yagoqwa izonikwa umfundi ngamunye

Isonto 2 Usuku 1

Umsebenzi wekilasi lonke

Okunye ukulandelanisa izithombe

- 1 Qala ngabafundi abahlezi kumata. Khetha abafundi abahlezi ngaphambili ekilasini, umfundi ngamunye abambe isithombe esinombala ngokulandelana kwayo (nokho angayilandelanisi imibala).
- 2 Buza abafundi ukuthi izithombe zilandelana ngokwamukelekayo yini. Bacele bakhombe isithombe okumele siveze indaba lapho iqala khona.
- 3 Cela abafundi bendawonye ukuthi baye le nale nezithombe kuze kuhleleke kahle ukulandelana kwendaba. Buza imibuzo efana nokuthi: "Ngubani okhumbula into eyenzeka ngokulandelayo?"
- 4 Uma sewulandelanise kahle izehlakalo zendaba, abafundi kumele baphindele ematafuleni abo.
- 5 Nikeza umfundi ngamunye incwadi encane. Bakhuthaze ukuthi babuke ikhava, bafunde isihloko sendaba.
- 6 Siza abafundi ukuthi balandele indaba ngezithombe encwadini encane, ubasize ukuthi baqaphele ukuthi izithombe encwadini ziyafana nezithombe ezilandelanisa indaba.
- 7 Uma isikhathi sikhona, abafundi "bangafunda" incwadi encane ngamunye, bayifundele abangane babo ekilasini.
- 8 Khuthaza abafundi ukuthatha izincwadi baye nazo emindenini yabo emakhaya.



Nakhu ozokudinga:

- Incwadi Enkulu: *Ingubo esatshani*


Isonto 2 Usuku 2

Umsebenzi wekilasi lonke

Ukufunda ngokubambisana – Incwadi Enkulu

- 1 Khuthaza abafundi ukuthi babuke ikhava, bese bekhuluma ngalokho abakubonayo nababona ukuthi bayakwazi.
- 2 Fundela ikilasi isihloko sendaba. Khomba igama ngalinye ngenkathi ufunda. Sifunde futhi isihloko, bese ucela abafundi ukuthi basifunde kanye nawe.
- 3 Siza abafundi ukuthi balandele izithombe encwadini yonke, baxoxe ngazo, bese ubakhuthaza ukuthi babuze imibuzo.
- 4 Khomba izinombolo zekhasi, ukhulume ngokuthi iyiphi inamba ezolandela.
- 5 Uma "sewuyiphenyaphenyile" yonke incwadi, buyela ekuqaleni uyofunda isihloko futhi. Bese uphenya amakhasi ufunde umusho ngamunye ngezwi elicacile owazalwa nalo. Khomba igama ngalinye ngenkathi ufunda.
- 6 Phinda uyifunde incwadi ukhuthaze abafundi ukuthi "bafunde" kanye nawe.





You will need:

- Big sequence pictures
- Photocopied and folded little book for each child

Week 2 Day 1

Whole class activities

More sequencing pictures

- 1 Begin with learners sitting on the mat. Choose learners to stand in front of the class, each holding one of the colour sequence pictures (not in the correct order).
- 2 Ask learners if the pictures are in the correct order. Ask them to point out the picture which should be at the beginning of the story.
- 3 Together as a group, ask learners who are holding the pictures to move around until the story makes sense. Ask questions such as: *"Who can remember what happened next?"*
- 4 Once you have sequenced the story, learners must move to their tables.
- 5 Give each learner a little book. Encourage them to look at the cover and read the title of the story with them.
- 6 Take learners on a picture walk through the little book, helping them to notice that the pictures in the book are the same as the sequence pictures.
- 7 If there is time, learners can "read" their little book to a partner in the class.
- 8 Encourage learners to take the books home to read with their families.



You will need:

- Big Book: *The green dress*

Week 2 Day 2

Whole class activities

Shared reading – Big Book

- 1 Encourage learners to look at the cover picture and talk about what they see and recognise.
- 2 Read the title of the story to the class. Point to each word as you read. Read it again and ask learners to read with you.
- 3 Take learners on a picture walk through the book, discussing the pictures and encouraging learners to ask questions.
- 4 Point out the page numbers and talk about what number will come next.
- 5 When you have "walked" through the whole book, go back to the beginning and read the title again. Then turn the pages and read each sentence in a clear and natural voice. Point to each word as you read.
- 6 Read the book again and encourage learners to read with you.





Nakhu ozokudinga:

- Ubumba lokudlala nebhodi elincane noma umata kuzotholwa umfundi ngamunye



Isonto 2 Usuku 3

Umsebenzi wekilasi lonke

Ukuzejwayeza ukulalela

- 1 Hlalisa abafundi ematafuleni ubatshela bazinze ukuze ikilasi lithobe lithule umsindo.
- 2 Qala umsebenzi wokulalela namuhla ngokuthi: *“Uyakhumbula ngesikhathi uZinzi noSam bezwa uSipoti ekhonkotha ngaphakathi kwekhabethe?” Okungezeka babelalele ngokucophelela ukuze bamuzwe. Masivaleni amehlo, sithule du imizuzwana embalwa ngenkathi silalele ngokucophelela imisindo esizungezile.”* Tshela abafundi ukuthi bavule amehlo manje bese bexoxa ngayo imisindo abayizwile. Xoxa nawe ngemisindo eseduzane nabo ezwakala iphakeme, usho nokuthi yimiphi ezwakalela phansi echaza ukuthi ikude. Tshela abafundi ukuthi bazokwenza umsebenzi lapho bezolalela khona ngokucophelela lokhu ozokusho.
- 3 Nikeza umfundi ngamunye isihlephu sobumba lokudlala bese umtshela ukuthi uzokwenza abantu ngobumba lokudlala.
- 4 Buza abafundi ukuthi iziphi izitho zomzimba ezizodingwa abantu babo: ikhanda, umzimba, izingalo ezimbili, izandla ezimbili, imilenze emibili, izinyawo ezimbili, amadlebe amabili, ikhala, umlomo nezinye. Khomba izitho zakho zomzimba ngesikhathi uzibiza.
- 5 Manje-ke banikeze imiyalo ungasheshi futhi ucacise uphinde ubakhombise ngesakho isihlephu sobumba lokudlala. Nika abafundi isikhathi kumyalo ngamunye ukuze bengeke bezizwe sengathi uyabajaha .
 - ★ Hlephula ucezu lobumba lokudlala bese uyaligingqa ukuze wenze umzimba.
 - ★ Hlephula ucezwana lobumba lokudlala, lugingqo sakulenza ibhola ukuze uzokwazi ukwenza ikhanda bese ulibeka phezu komzimba.
 - ★ Bese wenza imilenze emibili uyifake ngaphansi komzimba.
 - ★ Uphinde wenze nezingalo ezimbili uzifake emaceleni omzimba.
 - ★ Gingqa futhi amabhola amancane amabili ukuze ukwazi ukwenza amehlo.
 - ★ Gingqa ucezwana ozokwenza ngalo umlomo. Wengeze ngokufaka ikhala namadlebe amabili.
- 6 Uma abafundi sebeyilandelile imiyalo yakho baphinda benza umuntu wobumba lokudlala, bavumele bahlikize umuntu wabo wobumba lokudlala, baqale phansi futhi. Kulokhu, bengazama ukuzakhela ngendlela yabo ngaphandle kokulandela imiyalo.





You will need:

- Playdough and a small board or mat for each learner

Week 2 Day 3

Whole class activities

Learning to listen

- 1 Seat learners at tables and settle everyone down so that the class is quiet and calm.
- 2 Begin by saying: *“Do you remember when Zinzi and Sam heard Spot barking from inside the cupboard? They must have listened very carefully to hear him. Let’s close our eyes and be quiet for a few minutes while we listen carefully to the sounds around us.”* Now tell learners to open their eyes and talk about the sounds they heard. Talk about which sounds are near/close to them (louder) and which ones are far away (softer). Tell learners that they are going to do an activity where they must listen carefully to what you say.
- 3 Give each learner a ball of playdough and tell them they are going to make playdough people.
- 4 Ask learners what parts of the body their person will need: a head, a body, two arms, two hands, two legs, two feet, two ears, two eyes, a nose, a mouth and hair. Point to the parts of your body as you name them.
- 5 Now give instructions slowly and clearly and demonstrate with your own piece of playdough. Wait between each instruction so that learners do not feel rushed.
 - ★ Break off a piece of playdough and roll it to make a body.
 - ★ Break off a smaller piece of playdough, roll it into a ball to make the head and put it on top of the body.
 - ★ Make two legs and put them under the body.
 - ★ Make two arms and put them on the sides of the body.
 - ★ Roll two more small balls to make eyes.
 - ★ Roll a piece for a mouth. Add a nose and two ears.
- 6 Once learners have followed your instructions and made a playdough person, let them squash the playdough and start again. This time, they can try and make it their own way, without following your instructions.





Nakhu ozokudinga:


- Amaphepha amakhulu amhlophe abhalwe igama lomfundi ngaphezulu ngakwesobunxele ekhloneni lekhasi
- Amaphepha amakhulu nesithombe esidwetshiwe sika Zinzi egqoke ingubo yakhe eluhlaza satshani abhalwe igama lika Zinzi ngaphezulu ngakwesobunxele ekhloneni lekhasi
- Upende onemibala, ibhulashi kanye namashubhu
- Isibuko eside esiphelele (uma kungenzeka)

Isonto 2 Usuku 4

Umsebenzi wekilasi lonke

Funda bese wenza

- 1 Cela abafundi ukuthi basukume bese beyakulandela. Khomba indawo emzimbeni wakho, isibonelo, ikhanda lakho. Buza abafundi ukuthi siyibiza ngani lendawo eyisitho somzimba wethu bese usho igama "ikhanda".
- 2 Yenza lokhu ngokwezitho ezahlukahlukene zemizimba yabo: ikhanda, izinwele, amadlebe, amehlo, ikhala, umlomo, isilevu, intamo, amahlombe, izingalo, izindololwane, izandla, isisu, imilenze, amadolo, izinyawo.
- 3 Bavumele bathinte izingalo zabo, imilenze, ikhanda, izindlebe bese uyababheka ukuthi bazizwa kanjani-. Ngabe zinde, ziyi ndilinga, zithambile noma ziqinile?
- 4 Khombisa abafundi iphepha elinomdwebo kaZinzi egqoke ingubo yakhe eluhlaza satshani. Khomba ngaphezu kwekhasi lapho okubhalwe khona igama lika Zinzi.
- 5 Bonisa abafundi amaphepha amakhulu bese uyabagquguzela ukuthi "bafunde" amagama abo. Siza abafundi abangawaboni amagama abo.
- 6 Babuze ukuthi bacabanga ukuthi isiphi isithombe esingaba ngaphansi kwamagama abo: Impendulo isithombe somuntu, yena uqobo!
- 7 Bazise ukuthi bazosebenzisa ikhasi lonke ukupenda umfanekiso wabo nezingubo abagqokile.
- 8 Bavumele ukuthi bazibuke esibukweni esikhulu noma babukisise abangani babo.



Nakhu ozokudinga:

- Iphepha elingenalutho lomfundi ngamunye
- Inhlanganisela yamakhrayoni asamafutha
- Isikele
- Intambo ende (Kuzofanele ilengiswe ekilasini njengo layini wokuneka izingubo zokugqoka ngaphambi kwesifundo.)
- Izikhonkwane zezingubo


Isonto 2 Usuku 5

Umsebenzi wekilasi lonke

Yakha, udwebe bese uyabhala

- 1 Cela abafundi ukuthi basukume bese beyakulandela. Khomba ingubo yokugqoka, isibonelo, ishethi lakho.
- 2 Buza abafundi ukuthi yini igama lale ngubo yokugqoka bese usho igama "ishethi".
- 3 Kwenze lokhu ngezinhlobo-nhlobo zezingubo zokugqoka: izicathulo, amasokisi, isiketi, isikhindi, ishethi, ijezi.
- 4 Nikeza umfundi ngamunye iphepha elingenalutho bese uyaqinisekisa ukuthi kunamakhrayoni enele ukuze iqembu labafundi likwazi ukuwasebenzisa.
- 5 Bachazele ukuthi kuzofanele bedwebe ingubo yokugqoka abayithandayo bese beyifaka umbala ofanele.
- 6 Emva kokuba sebewufakile umbala kumdwebo wezingubo zokugqoka, kufanele besike isithombe somdwebo abawudwebile.
- 7 Uma wonke umuntu eseqedile, abafundi kufanele basho igama lento yokugqoka abayidwebile bese beyinika wena ukuze uyichaye emgqeni wokuneka izingubo.





You will need:

- Large sheets of white paper with each learner's name written on the top left-hand corner of a page
- One large sheet of paper where you have drawn Zinzi in her green dress and Zinzi's name written on the top left-hand corner of the page
- Coloured paint, brushes and tubs
- Full-length mirror (if possible)

Week 2 Day 4

Whole class activities

Read and do

- 1 Ask learners to stand up and follow your lead. Point to a part of your body, for example, your head. Ask learners what we call this part of our body and say the word "head".
- 2 Do this for the different parts of their body: head, hair, ears, eyes, nose, mouth, chin, neck, shoulders, arms, elbows, hands, tummy, legs, knees, feet.
- 3 Let them touch their own arms and legs to see how they feel – are they long, round, soft or hard?
- 4 Show learners a sheet of paper with a drawing of Zinzi in her green dress. Point to the top of the page where Zinzi's name is written.
- 5 Show learners the large sheets of paper and encourage them to "read" their name. Support learners who are unable to recognise their name.
- 6 Ask them what picture they think should be under their name. The answer is a picture of themselves, of course!
- 7 Tell them they are going to use the whole page to paint a picture of themselves and the clothes they are wearing.
- 8 Let learners look at themselves in a full-length mirror or look carefully at their friend.



You will need:

- A blank A4 page for each learner
- Jumbo wax crayons
- Scissors
- A long piece of string (This needs to be hung up in the classroom like a washing line before the lesson.)
- Pegs

Week 2 Day 5

Whole class activities

Make, draw and write

- 1 Ask learners to stand up and follow your lead. Point to an item of clothing, for example, your shirt.
- 2 Ask learners what we call this item of clothing and say the word "shirt".
- 3 Do this for the different items of clothing: shoes, socks, skirt, shorts, shirt, jersey.
- 4 Give each learner a blank page and make sure there are enough coloured crayons for a group of learners to share.
- 5 Explain to them that they must draw their favourite item of clothing and colour it in the correct colour.
- 6 After they have coloured in their clothes, they must cut out the picture they have drawn.
- 7 When everyone is finished, learners must name the item of clothing they have drawn and give it to you to hang on the washing line.

★ Gijima, Sindi, Gijima!


Indaba

Kwesukesukela, kwakunentombazane eyayibizwa ngokuthi nguSindi, eyayihlala nomama wayo, nogogo kanye nomfowabo omncane, uPaul. Umzimba kaSindi wawuphilile futhi uqinile, kanti wayethanda ukudlala zonke izinhlobo zemidlalo, kodwa ethanda kakhulu ukugijima. Wayeye agijime esuka ekhaya aye emfuleni. Agijime esuka emfuleni aye esitolo. Agijime esuka esitolo aye kwamamncane wakhe ayemthanda. "Gijima, Sindi, gijima!" kumemeza abangane bakhe. Wayegijima noma eyongena embhedeni njalo ebusuku, emva kokuxubha amazinyo.



Ngelinye ilanga, umama kaSindi wathi kuye: "Sindi, ngiyazi ukuthi uthanda kangakanani ukugijima. Kusasa kuzoba nomjaho ozosuka esitolo sikaMnu Ibrahim. Uzothanda ukungenela umjaho?" nempela uSindi wavuma! Wayejabule kakhulu ngalokhu, wasuka wayolala ngaphambi kwesikhathi ukuze alale kahle aphumule, abe namandla emjahweni wangakusasa. Ekuseni, wavuka kusesekuseni kakhulu, wadla iphalishi elalisendishini elifudumele elinobisi, njengesidlo sasekuseni. Kwakuwusuku oluzoshisa, uSindi wakhumbula ukuphuza amanzi ngaphambi kokuya emjahweni.

Emva kwesidlo sasekuseni, uSindi waya esitolo sikaMnu Ibrahim wafica abantwana abaningi befolele emgqeni, sebekulungele ukugijima. UMnu Ibrahim wathi: "Guqani manje! Lungani, Sukani-ke!" Wasuka uSindi ngejubane! Waphephuka njengomoya! Wagijima sengathi uyaqala. "Gijima, Sindi, gijima!" kumemeza uPaul, egxuma eya phansi eya phezulu.



Kuthe uma ema, uSindi, wezwa wonke umuntu emmemeza. Wazizwa ejabule enomfutho. UMnu Ibrahim weza kuye wafika wamnika indondo. "Usebenzile, Sindi! Ugijime ngawo wonke amandla akho! Ufike kuqala entanjeni!"



USindi wabuyela ekhaya emva komjaho esegqoke indondo yakhe entsha ecwebezelayo. "Usebenzile, Sindi, usebenzile!" kubabaza umndeni wakhe. UGogo wathi: "Sindi, ngiyaziqhenya ngawe. Uhlala uziqeqesha ngokugijima zonke izinsuku, nakhu manje sewunqobe umjaho! Umzimba wakho uphilile, unomfutho, ukugijima kuyikhono elikhethekile kuwe."

Iphela lapho indaba.


★ Run Lindi Run

Story

Once upon a time, there was a girl called Sindi who lived with her mother, her granny and her little brother, Paul. Sindi's body was healthy and strong, and she liked to play all sorts of games, but most of all she loved to run. She ran from her house to the river. She ran from the river to the shop. She ran from the shop to her favourite auntie. "Run Sindi run!" shouted all her friends. Sindi even ran and jumped into bed every night, after she had brushed her teeth.

One day, Sindi's mother said to her: "Sindi, I know how much you love to run. Tomorrow there is going to be a race starting at Mr Ibrahim's shop. Would you like to run in the race?" Of course Sindi said yes! She was very excited and went to bed early so she could have a good rest and be strong for the race. In the morning, she woke up early and ate a bowl of warm porridge with milk for breakfast. It was going to be a hot day, and Sindi remembered to drink some water before the race.

After breakfast, Sindi went down to Mr Ibrahim's shop and joined all the children kneeling in a line, ready to race. Mr Ibrahim said: "On your marks, get set, go!" And off Sindi ran! She ran like the wind! She ran and ran like she had never run before. "Run Sindi run!" shouted Paul, jumping up and down.



When she stopped running, Sindi heard everyone cheering. She felt happy and strong. Mr Ibrahim came up to her and gave her a medal. "Well done, Sindi! You ran as fast as you could! You were the first to finish the race!"

When Sindi went home after the race, she wore her shiny new medal. "Well done, Sindi, well done!" cheered her family. Granny said: "Sindi, I am proud of you. You practise running every day and now you won the race! Your body is healthy and strong, and running is your special talent."



And that is the end of the story.



Iculo

USindi usuka ngejubane uya emfuleni, emfuleni,
emfuleni USindi usuka ngejubane uya emfuleni
Gijima, Sindi, gijima!

USindi ugijima njalo uya esitolo, esitolo, esitolo,
USindi ugijima njalo uya esitolo
Gijima, Sindi, gijima!

USindi ugijima aze awine umjaho, awine umjaho,
USindi ugijima aze awine umjaho
Gijima, Sindi, gijima!

USindi ujabulile, unomfutho, uqatha futhi,
unomfutho uqatha, unomfutho uqatha, uSindi
ujabulile, unomfutho, uqatha futhi
Gijima, Sindi, gijima!

USindi uyaziqhenya ngekhono elikhethekile, uSindi
uyaziqhenya ngekhono elikhethekile
Gijima, Sindi, gijima!




(Cula ulingise iculo elithi, "The Wheels on the bus" noma usebenzise elakho iculo.)

Amagama amasha endabeni

Amagama awukhiye	umjaho	ujabulile	qeda	indondo	kuqala	gijima
Amagama ongeziwe:	qatha	gijima	iphalishi	usebenzile	isidlo sasekuseni	cwebezelayo
	jabula	ubisi	khethekile	ikhono	ziqhenyayo	babaza





Song

Sindi runs fast down to the river, to the river, to the river
 Sindi runs fast down to the river
 Run Sindi run!

Sindi runs all the way to the shop, to the shop, to the shop
 Sindi runs all the way to the shop
 Run Sindi run!

Sindi runs fast and wins the race, wins the race, wins the race
 Sindi runs fast and wins the race
 Run Sindi run!

Sindi feels happy, strong and fit, strong and fit, strong and fit
 Sindi feels happy, strong and fit
 Run Sindi run!

Sindi is proud of her special talent, special talent, special talent
 Sindi is proud of her special talent
 Run Sindi run!



(Sing to the tune of "The Wheels on the bus" or use your own tune.)

Vocabulary from the story

Key-words:	race	excited	finish	medal	first	run
Extra words:	strong	practise	porridge	well done	breakfast	shiny
	happy	milk	special	talent	proud	cheer





Nakhu ozokudinga:

- Indaba: *Gijima, Sindi, Gijima!*
- Amaphaphethi: uSindi, uPawulu, Mnu Ibrahim, ugofo kaSindi, umama kaSindi
- Okudingeka eshashalazini: ihembe elimhlophe lejazi lomthengisi wasesitolo, indophi noma intambo yomugqa wokuqeda, indondo
- Izinto noma amakhadi anezithombe noma amagama athathwe ohlwini lwamagama amasha



Isonto 1 Usuku 1

Umsebenzi wekilasi lonke

Ukuxoxa indaba nokwakha uhlu lwamagama amasha

Yisho la mazwi *Ameblo amabili okubona* ukuqwashisa abafundi ukuthi sekuyisikhathi sokuxoxa izindaba.

1 Ngaphambi kokuxoxa indaba

- 1.1 Tshela abafundi isihloko sendaba bese wethula abalingiswa usebenzisa amaphaphethi.
- 1.2 Fanisa indaba nempilo yabafundi: *“Ubani othanda ukugijima? Ugijimela kuphi? Wake wagijima emjahweni ngaphambilini?”*.
- 1.3 Yithi: *“Ngaphambi kokuthi siqale, ngifuna ukunitshela ukuthi yimaphi amagama amasha esizowathola kule ndaba.”* Xoxa ngamagama abalulekile asemagameni amasha, ukhombise abafundi into ethile noma isithombe, noma wenze okuthile ukubakhombisa ukuthi igama lisho ukuthini. Isibonelo: Yenza ubuso kube sengathi bukhathazekile bese ucela abafundi ukuthi bakukhombise ukuthi babukeka kanjani uma bekhathazekile. Cela umfundi ukuthi ame eduze kwakho bese nenza sengathi niyagijima emjahweni (amagxathu ambalwa nje!). Khuluma ngomsuka womjaho, ukuqeda kanye nokuthi ubani owadla umhlanganiso.

2 Ngenkathi uxoxa indaba

- 2.1 Yixoxe ngomdlandla, uguqule izwi njalo.
- 2.2 Nyakaza uphinde usebenzise amaphaphethi nezinto zeshashalazi.
- 2.3 Cela abafundi ukuthi baqagele ukuthi kungahle kwenzekeni endabeni, ngokulandelayo ubenze babe yingxenywe yendaba ngokubabuza imibuzo enezimpindulo eziningi, efana nokuthi: *“Ucabanga ukuthi uSindi wayezizwa kanjani ngesikhathi ezungiselela ukuqala umjaho? Ucabanga ukuthi uSindi wazizwa kanjani ngesikhathi ephumelela emjahweni?”*

3 Emva kokuxoxa indaba

- 3.1 Buza abafundi uthi: *“Yini eniyithandile endabeni? Yini eningayithandanga? Iyiphi ingxenywe ebe mnandi kakhulu? Mibuzo mini eninayo ngendaba? USindi wayemuhle ngaseku gijimeni? Wena umuhle ngakuphi?”*

Ukwethula umsindo othathwe endabeni

- 1 Cela abafundi bahlale phansi kumata balalele okushoyo ngokuqikelela. Yisho la mazwi owathathe endabeni: *“uSindi, kusasa, sasekuseni, Sukani-ke!, sengathi, usebenzile, sewunqobe. Uyayizwa imisindo okugxilwe kuyo: uSindi, kusasa, sasekuseni, Sukani-ke!? Yebo, uqinisile! Wonke anomisindo /s/”*.
- 2 *“Lalelisa, nanka amagama aqala ngomsindo /s/: sebenza, iso, siza, isokisi, isinkwa, songa, susa, usana, usiba, isisu, isaha, isando.”* (Gcizelela imisindo engasekuqaleni ngenkathi usho la magama.)
- 3 Yisho lo msindo /s/ ngokucacile bese utshela abafundi ukuthi babukisise umlomo wakho.
- 4 Cela abafundi ukuthi basho lo msindo /s/: *“s-s-s”* Yenza lokhu kube wumdlalo omnandi: yisholo phansi, phakamisa izwi, wusho ubheke odongeni, wusho uwubhekise kusilingi kanye nakubafundi abanye

UStella uthi:

Ezilimini zase Afrika, umsindo wokuqala egameni kuvamise ukuba unkamisa, njengoba wonke amabizo abhalwe ngendlela enonkamisa. Kulolu hlelo, sithathe isinqumo sokusebenzisa *“ukugxila emsindweni”*, esikhundleni sesiqalo somisindo.





You will need:

- Story: *Run Lindi Run*
- Puppets: Sindi, Paul, Mr Ibrahim, Lindi's granny, Lindi's mom
- Props: white shirt for shopkeeper's coat, rope or string for the finishing line, medal
- Objects or picture cards for some of the words from the vocabulary list

Week 1 Day 1

Whole class activities

Say the rhyme *Two eyes to see* to bring learners to the mat for story time.

Storytelling and building vocabulary

Say the rhyme *Two eyes to see* to bring learners to the mat for story time.

Two eyes to see

One mouth to talk and sing,
Two eyes to see,
Two ears to hear,
Two legs to walk and run;
Here are my hands
Give yours to me – time for
stories everyone!



1 Before you tell the story

- 1.1 Tell learners the title of the story and introduce the characters using the puppets.
- 1.2 Relate the story to learners' lives by asking: "Who likes to run? Where do you run? Have you ever run in a race before?"
- 1.3 Say: "Before we begin, I want to tell you the meaning of some new words which we will find in the story." Discuss the keywords from the vocabulary list, and show learners an object or a picture or do an action to show them what a word means. For example: Ask a learner to stand next to you and pretend to run a race together (just a few steps!). Talk about the start of the race, the finish and who the winner was.

2 While you tell the story

- 2.1 Tell the story in a lively way and use different voices.
- 2.2 Do actions and make use of the puppets and props.
- 2.3 Ask learners to predict what happens next in the story and involve them through open-ended questions, such as: "How do you think Lindi felt when she was lining up to start the race? How do you think Lindi felt when she won the race?"

3 After you tell the story

- 3.1 Ask learners: "What did you like about the story? What didn't you like? What was your best part? What questions do you have about the story? Lindi was good at running. It was her special talent. What are you good at?"

Stella says:



In the words "Sindi, lontsongo, leswaku, lulamele", the focus sound is /l/ and this is also the beginning or first sound in the word. In African languages, the first sound in a word is often a vowel, as all nouns are written with an article that is a vowel. In this programme, we have decided to use the word "focus sound", rather than beginning sound.

Introducing a sound from the story

- 1 Ask learners to sit on the mat and listen carefully to you. Say these words from the story: "uSindi, kusasa, sasekuseni, Sukani-ke!, sengathi, usebenzile, sewunqobe." Can you hear the focus sound: uSindi, kusasa, sasekuseni, Sukani-ke!? Yes, you are right! They all have the sound /s/."
- 2 "Listen carefully, here are some more words with /s/: sebenza, iso, siza, isokisi, isinkwa, songa, susa, usana, usiba, isisu, isaha, isando." (Emphasise the focus sound as you say these words.)
- 3 Say the sound /s/ clearly and tell learners to watch your mouth carefully.
- 4 Ask learners to say the sound /s/: "s-s-s". Make this fun: Say it softly, loudly, to the wall, to the ceiling and to each other.



Nakhu ozokudinga:

- Amaphaphethi asendabeni
- Umculo kanye nezithombe/nezidingeka eshashalazini okomculo



Isonto 1 Usuku 2

Umsebenzi wekilasi lonke

Ukuxoxa indaba kanye nokucula

- 1 Qala ngokukhumbuza abafundi incazelo yamagama owethule ngoSuku-1.
- 2 Phinda uxoxe indaba ngamaphaphethi. Buza imibuzo ngenkathi uxoxa indaba. Khuthaza abafundi ukuthi baqagele ukuthi yini ezokwenzeka ngokulandelayo endabeni.
- 3 Tshela abafundi ukuthi uzobafundisa iculo elisha elizohambisana nendaba.
- 4 Yisho imigqa embalwa yeculo ngokucacile, usho ngokungasheshi, bese ucela abafundi ukuthi bangene bacule kanye nawe. Kungaba lukhuni khona kubafundi ukukhumbula amagama, ngakho bafundise ngezingxenyana ezincane zeculo.
- 5 Yiba nezithombe kanye nezinto zeshashalazi ukusiza abafundi ukuthi baluqonde ulimi lweculo.
- 6 Fundisa abafundi iminyakazo yeculo, kube umdlalo omnandi ukulicula ngezilimi ezahlukeneyo.


UStella uthi:




Ukuzilolonga ngokusemthethweni ukubhala ngesandla kuyingxenywe yohlelo lwezemfundo yeBanga 1; alufanelekile kubafundi beBanga R. Nokho, kubalulekile ukuthi abafundi befundiswe ukuhlanganisa izinhlamvu ngendlela efanele. Ungakwenza lokhu ngendlela ekhululekile futhi enobumnandi ngokusebenzisa ubuciko, nemisebenzi ebandakanya izinzwa ezahlukehukene futhi ikhuthaze abafundi ukuthi babhale izincwadi ezinkulu.

Ukwakha uhlamvu

- 1 Khumbuza abafundi ngomsindo okugxilwe kuwo. Buza kubo ukuthi ukhona yini onegama eliqala ngohlamvu /s/ noma akhona yini amanye amagama abangawacabanga aqala ngohlamvu /s/.
- 2 Fundisa abafundi iminyakazo ehambisana nomsindo lowo. Isib: Abafundi bengenza sengathi baphethe usana bayamshushuzela ukuze alale bemangile.
- 3 Buza abafundi ukuthi bayakhumbula yini ukuthi uhlamvu **s** lubhalwa kanjani. Bancome emizameni yabo, bese ubhala uhlamvu olukhulu ebhodini noma emoyeni ngenkathi usho la mazwi: "Qala echashazini, fola, wehle."
- 4 Dedela abafundi bazejwayeze ukwakha uhlamvu emoyeni, kukhaphethi, emhlane womunye nomunye noma ezandleni. Bangazama futhi ukusebenzisa imizimba yabo ukwakha uhlamvu.
- 5 Uma sewuqedile ukubakhombisa ukuthi uhlamvu lubhalwa kanjani, khuthaza abafundi ukubhala uhlamvu enhlabathini ngokhuni.
- 6 Khuthaza abafundi ukuthi basho umsindo bawenze futhi ngenkathi bebhala uhlamvu.





You will need:

- Puppets for the story
- Music and props or pictures for the song



Week 1 Day 2

Whole class activities

Storytelling and singing

- 1 Begin by reminding learners of the meaning of words that you introduced on Day 1.
- 2 Retell the story using the puppets. Ask questions as you tell the story. Encourage learners to predict what will happen next.
- 3 Tell learners you are going to teach them a new song to go with the story.
- 4 Say a few lines of the song clearly and slowly, and then ask learners to join in and sing together with you. It may be difficult for learners to remember all the words, so teach the song in parts.
- 5 Have pictures or props or do actions to help learners understand the language of the song.
- 6 Teach learners the actions for the song and have fun singing in more than one language.


Stella says:




Formal handwriting practice is part of the Grade 1 curriculum; it is not appropriate for Grade R learners. However, it is important that learners are taught how to form letters correctly. You can do this in a relaxed and fun way by using these creative, multisensory activities and encouraging learners to write letters as big as they can.

Forming the letter

- 1 Remind learners of the focus sound. Ask learners if anyone's name starts with /s/ or if they can think of any other words that start with the sound /s/.
- 2 Teach learners an action associated with the sound. For example: Learners can cross their arms in front of their chest and pretend to be rocking a baby to sleep in their arms.
- 3 Show learners how to write the letter **s**. Praise their attempts, then write a large letter on the board or in the air while saying the following: "Start at the dot, over the top, turn, across the middle, turn and go back."
- 4 Let learners practise the letter formation in the air, on the mat, on each other's backs or on their hands. They can also try using their bodies to make the letter.
- 5 Once you have modelled how to write the letter, go outside and encourage learners to use a stick to write the letter in the sand.
- 6 Encourage learners to say the sound the letter makes as they write the letter.





Nakhu ozokudinga:

- Amaphaphethi asendabeni
- Okudingeka eshashalazini: ihembe elimhlophe lejazi lomthengisi, indophi noma intambo yokwenza umuhla wokuqeda, indondo.
- Ibhokisi lezinhlamvu eliqukethe izinto noma izithombe zezinto ngomsindo **s**: iso, usawoti, isele, isokisi, usango, isinkwa, isonto, isaqathe, usana, usiba, isisu, isandla, isudi, isando, isango, isongo

Isonto 1 Usuku 3

Umsebenzi wekilasi lonke


Ukuxoxa indaba kanye nokuyidlala

- 1 Cula iculo.
- 2 Buza abafundi ukuthi bayayikhumbula yini incazelo yamagama asohlwini lwamagama amasha. Isibonelo: *“Ubani okhumbulayo ukuthi uSindi watholani ngesikhathi ephumelela emjahweni? Yebo, indondo ecwebezelayo.”*
- 3 Khetha abafundi abazoba ngabadlali endabeni.
- 4 Khuluma kubafundi ngendaba. Tshela abafundi ukuthi bazoba ngobani uma kudlalwa indaba, bese ubakhombisa izinto abazozisebenzisa ukuxoxa indaba.
- 5 Chazela abafundi ukuthi wena (thisha) uzoba ngumxoxi wendaba, kanti futhi uzokwaziwa njengomlandi. Abafundi abazolingisa bazoyenza yonke into ozoyisho. Basize ukuhlela ukuthi bazokuma kanjani.
- 6 Qala uxoxe indaba, bese ukhuthaza abafundi ukuthi benze iminyakazo ehambisana namagama, ngenkathi ikilasi lonke libukela kudlalwa.
- 7 Uma isikhathi sikhona, bangawuphinda umdlalo sewudlalwa ngabanye abafundi.

Amabhokisi ezinhlamvu

- 1 Cela abafundi ukuthi bahlale kumata bese ubakhombisa ngamunye izinto noma izithombe ezisebhokisini lezinhlamvu. Babuze amagama ezinto. Uma kunabafundi abakhuluma ezinye izilimi, bacele batshele abanye abafundi ukuthi bazibiza ngani lezi zinto ngezilimi abazikhuluma emakhaya. Bese unikeza igama lento ngayinye ngolimi okufundiswa ngalo. Banike izinto noma izithombe baziphathe bazidlulisele komunye nomunye umfundi.
- 2 Buza imibuzo ephathelene nezinto: *“Uke wayibona into efana nale? Senzani ngalokhu? Kumbala muni? Kuzwakala kanjani uma ukuthinta?”*
- 3 Yisho amagama ezinto, ugcizelele umsindo okugxilwe kuwo. Buza abafundi ukuthi bayawuzwa yini umsindo okugxilwe kuwo.
- 4 Cela abafundi ukuthi basho igama lento ngayinye bese ugcizelele umsindo okugxilwe kuwo.
- 5 Uma abafundi sebezwayezile imisindo emisha, bakhombise uhlamvu olusebhokisini lezinhlamvu, bese uthi: *“Lolu hlamvu luveza ukuthi silubhala kanjani uhlamvu **s**”*. Cela abambalwa kubafundi ukuthi babhale phezu kwemigqa yohlamvu ngeminwe yabo.





You will need:

- Puppets for the story
- Props: white shirt for shopkeeper's coat, rope or string for the finishing line, medal
- A letter box containing objects or pictures of objects that have the focus sound **s**: iso, usawoti, isele, isokisi, usango, isinkwa, isonto, isaqathe, usana, usiba, isisu, isandla, isudi, isando, isango, isongo

Week 1 Day 3


Whole class activities

Storytelling and role play

- 1 Sing the song.
- 2 Ask learners if they can remember the meaning of words from the vocabulary list. For example: *"Who can remember what Lindi got when she won the race? Yes, a shiny medal."*
- 3 Choose learners to play the characters in the story.
- 4 Talk about each character in the story. Tell learners who they are going to be in the role play and show them the props that will be used to tell the story.
- 5 Explain to learners that you (the teacher) are going to be the storyteller, also known as the narrator. The acting learners are going to act out everything you say. Help them to organise where they are going to stand.
- 6 Start telling the story and encourage learners to do the actions to match your words while the rest of the class watches the role play.
- 7 If there is time, you may want to repeat the role play with different learners.

Letter boxes

- 1 Ask learners to sit on the mat and show them the objects and pictures in the letter box one at a time. Ask them for the names of the objects. If there are learners who speak different languages, ask them to tell the class what they call the object in their home language. Then give the word in the language of instruction. Let them hold the objects or pictures and pass them around.
- 2 Ask questions about the objects: *"Have you seen one of these? What do we use this for? What colour is it? How does it feel?"*
- 3 Say the names of the objects while emphasising the focus sound. Ask learners if they can hear the focus sound.
- 4 Ask learners to say the name of each object and emphasise the focus sound when they say the words.
- 5 Once learners have practised the new sound, show them the letter on the letter box and say: *"This letter is how we write s."* Let some learners trace over the letter on the lid with their fingers..





Nakhu ozokudinga:

- Izithombe ezinkulu ezilandelanayo
- Isaka likabhontshisi noma ibhokisi

UStella uthi:



Lena yimibuzo ewusizo engabuzwa ngesithombe ngasinye:

- "Ngabe ubona bani?" (abalingiswa)
- "Ngabe wenzani?" (izenzo neminyakazo)
- "Yini enye oyibonayo?" (ukubheka futhi)
- "Ikuphi i...?" (ukusho izindawo)
- "Kungani ucabanga ukuthi ...?" (Ukucabanga okunokuqamba, ukuveza imibono)

Isonto 1 Usuku 4

Umsebenzi wekilasi lonke

Ukulandelanisa izithombe

- 1 Cula iculo futhi.
- 2 Yethula amagama owacaphune ohlwini lwamagama amasha.
- 3 Khetha esisodwa sezithombe usibambe usiphakamise. Buza abafundi ukuthi babonani, bese ukhuluma ngesithombe ngokujulile.
- 4 Uma sewuxoxile ngesithombe ngasinye, sinamathisele ebhodini ukuze abafundi basibone. Kuqinisekise lokho izithombe azilandelani okwamanje kulo msebenzi.
- 5 Emva kokukhuluma ngazo zonke izithombe, buza abafundi uthi: "Ngabe izithombe zilandelana ngokwamukelekile na?"
- 6 Cela abafundi ukuthi bakhombe isithombe esihambelana nesiqalo sendaba. Sebenzisananani ukulandelanisa izithombe ukuze indaba ilandeleke.
- 7 Gcina abafundi benamathele kukho konke okwenziwayo. Buza imibuzo efana nokuthi: "Kwase kulandelani? Ngubani okhumbula into eyenzeka emva kwalokho?"
- 8 Uma izithombe sezilandelana kahle, cela abafundi abambalwa ukuthi baphinde bayixoxe indaba ngokulandelana kwezehlakalo.



Ukulalela imisindo okugxilwe kuyo

- 1 Tshela abafundi ukuthi bazohlala benze indingiliza bese bedlulisa isaka likabhontshisi omunye anikeze omunye.
- 2 Umfundi ophethe isaka likabhontshisi kumele asho igama lakhe ngesikhathi abanye belalele.
- 3 Buza abafundi ukuthi igama ngalinye liqala ngamuphi umsindo. Uma abafundi sebhendulile, phinda igama nohlamvu olusekuqaleni, kanje: "Yebo, igama lika Sindi liqala ngomsindo *Is!*" Umfundi usengawu dlulisa ke usofa osasikhwama.

Ukuhlukahluka: Dlala umculo opholile endaweni yasemuva. Lokhu uwuvula ngezikhathi ezahlukene. Umfundi ophethe usofa osasikhwama kumele azisho igama nokuthi liqala ngaluphi uhlamvu.





You will need:

- Big sequence pictures
- Bean bag or block

Week 1 Day 4

Whole class activities

Sequencing pictures

- 1 Sing the song again.
- 2 Introduce new words from the vocabulary list.
- 3 Choose one of the sequence pictures and hold it up. Ask learners what they see, then talk about the picture in detail.
- 4 Once you have discussed each picture, stick it on the board so learners can see it. Make sure the pictures are not in sequence at this stage of the activity.
- 5 After talking about all the pictures, ask learners: "Are the pictures in the correct order?"
- 6 Ask learners to point out the picture for the beginning of the story. Work together to arrange the sequence of the pictures so the story makes sense.
- 7 Keep learners actively involved in this process. Ask questions like: "What happened next? Who can remember the next part of the story?"
- 8 When the pictures are in the correct order, invite a few learners to retell the story in the correct sequence.

Stella says:



These are useful questions to ask about each picture:

- "Who can you see?" (characters)
- "What is he/she/it doing?" (verbs and actions)
- "What else can you see?" (looking again)
- "Where is the ...?" (naming places/position)
- "Why do you think ...?" (creative thinking, expressing opinions)



Listening for focus sounds

- 1 Tell learners they are going to sit in a circle and pass the bean bag around.
- 2 The learner holding the bean bag must say their name while everyone listens.
- 3 Ask the class what sound each name starts with. Once learners have answered, repeat the name and the beginning sound, like this: "Yes, Sindi's name starts with the sound /s/." The learner can then pass the bean bag.

Variation: Play some gentle music in the background. Stop the music every now and again. The learner holding the bean bag must say their name and the sound it starts with.





Nakhu ozokudinga:

- Iphepha elingenalutho lomfundi ngamunye
- Inhlanguaniselwa yamakhrayoni asamafutha
- Amagama amaqoqo ezinhlamvu eziningi ahlobene nendaba: kusasa, khumbula, intandokazi, Ibrahim ugogo, ukwesasa, ekuseni, umdoko, amanzi, indondo, uphilile, okukhethekile, isiphiwo

Isonto 1 Usuku 5

Umsebenzi wekilasi lonke

Yakha, udwebe bese uyabhala

- 1 Bhala isihloko sendaba phezulu ekhasini lomfundi elingenalutho ngaphambi kokuthi siqale isifundo.
- 2 Funda amagama esihloko aphezulu ekhasini bese ukhuthaza abafundi ukuthi bafunde nawe.
- 3 Buza abafundi ukuthi bathande kakhulu yiphi ingxenye yendaba. Khuthaza abafundi ukuthi badwebe ingxenye abayithanda kakhulu endabeni.
- 4 Nikeza imibono yakho noma ucele umfundi ngamunye ukuthi akhulume ngomdwebo wakhe.
- 5 Buza abafundi ukuthi bayathanda yini ukubhala okuthile ngezithombe zabo noma mhlawumbe bafuna kubhale wena yini ngazo.
- 6 Uma kungukuthi bafuna kube nguwe obhalayo, babandakanye nabo ngokubacela bawasho ngokungasheshi amagama ngenkathi uwabhala. Bhala ukhuluma kuyo yonke imisho yabo.
- 7 Kubhale njengoba kunjalo okushiwo ngabafundi, igama negama, noma ubabuze ukuthi bayalwamukela yini uguquko emagameni abo ngaphambi kokuthi ulwenze. Khumbula ukubhala kuhlanzeke kucace.
- 8 Uma sewuqedile ukubhala, bakhuthaze abafundi ukuthi bawufunde kanye nawe umusho. Khomba igama ngalinye ngenkathi ulifunda, bese ubabonga ngemizamo yabo.

Ukuhlanguanisa nokuhlukanisa (amalunga)

- 1 Cela abafundi ukuthi bahlale kumata. Phimisa igama elilodwa kulawa asohlwini lwamagama amalunga amaningi, uveze ukuthi ahlukaniwa kanjani amalunga awo, isibonelo: **i | si | phi | wo**.
- 2 Khetha umfundi ozosukuma agxume elungeni naselungeni elishwiyayo: **i** (ugxuma kanye) **si** (agxume kanye) **phi** (agxume kanye) **wo** (agxume kanye). Mcele agxume futhi, abafundi mabamshayele izandla kukho konke ukugxuma kwakhe.
- 3 Nikeza abafundi bonke ithuba lokulalela igama elisohlwini bese begxuma ngenkathi belehlukani ngamalunga.





You will need:

- A blank A4 page for each learner with the title of the story written at the top of the page
- Jumbo wax crayons
- Multisyllabic words relating to the story: kusasa, khumbula, intandokazi, Ibrahim ugogo, ukwesasa, ekuseni, umdoko, amanzi, indondo, uphilile, okukhethekile, isiphiwo

Week 1 Day 5

Whole class activities

Make, draw and write

- 1 Write the title of the story at the top of each learner's blank page before the lesson.
- 2 Read the words of the title at the top of the page and encourage learners to read with you.
- 3 Ask learners what part of the story they liked best. Encourage learners to draw their favourite part of the story.
- 4 Ask learners to tell you about their drawings. Make comments or ask questions.
- 5 Ask learners if they would like to write something about their picture or if they would like you to write for them. Some learners may only be able to say a few words about their picture.
- 6 If learners would like you to write for them, keep them involved by asking them to say the words slowly with you as you write them down.
- 7 Write exactly what the learner tells you, word for word. Remember to write neatly and clearly.
- 8 When you have finished writing, encourage the learner to "read" the writing with you while pointing to the words.

Blending and segmenting (syllables)

- 1 Ask learners to sit on the mat. Say one of the words from the list of multisyllabic words and model how to break it into syllables, for example: **i | si | phi | wo**.
- 2 Choose a learner to stand up and jump for each of the syllables: **i** (one jump) **si** (one jump) **phi** (one jump) **wo** (one jump). Ask the learner to jump again, and this time learners must clap for each jump.
- 3 Let learners take turns to listen to a word from the list and jump as they break it into syllables.





Nakhu ozokudinga:

- Izithombe ezinkulu ezilandelanayo
- Incwajana ekhophiwe yagoqwa izonikwa umfundi ngamunye

Isonto 2 Usuku 1

Umsebenzi wekilasi lonke

Okunye ukulandelanisa izithombe



- 1 Qala ngabafundi abahlezi kumata. Khethe abafundi abahlezi ngaphambili ekilasini, umfundi ngamunye abambe isithombe esinombala ngokulandelana kwayo (nokho angayilandelanisi imibala).
- 2 Buza abafundi ukuthi izithombe zilandelana ngokwamukelekayo yini. Bacele bakhombe isithombe okumele siveze indaba lapho iqala khona.
- 3 Cela abafundi bendawonye ukuthi baye le nale nezithombe kuze kuhleleke kahle ukulandelana kwendaba. Buza imibuzo efana nokuthi: "Ngubani okhumbula into eyenzeka ngokulandelayo?"
- 4 Uma sewulandelanise kahle izehlakalo zendaba, abafundi kumele baphindele ematafuleni abo.
- 5 Nikeza umfundi ngamunye incwadi encane. Bakhuthaze ukuthi babuke ikhava, bafunde isihloko sendaba.
- 6 Siza abafundi ukuthi balandele indaba ngezithombe encwadini encane, ubasize ukuthi baqaphele ukuthi izithombe encwadini ziyafana nezithombe ezilandelanisa indaba.
- 7 Uma isikhathi sikhona, abafundi "bangafunda" incwadi encane ngamunye, bayifundele abangane babo ekilasini.
- 8 Khuthaza abafundi ukuthatha izincwadi baye nazo emindenini yabo emakhaya.



Ukwethula umsindo othathwe endabeni



- 1 Cela abafundi bahlale phansi kumata balalele okushoyo ngokuqikelela. Yisho la mazwi owathathe endabeni: "Sindi, iphalishi, Ibrahim, izinhlobo, ilanga, indondo, izinsuku, elalisendishini, elinobisi. Uyayizwa imisindo okugxilwe kuyo: Sindi, iphalishi, Ibrahim? Yebo, uqinisile! Wonke anomsindo *li*."
- 2 "Lalelisa, nanka amagama aqala ngomsindo *li*: iso, ibhikili, isipikili, isihlilingi, isigingci,inja, indishi, indingilizi, impisi, ilitshi." (Gcizelela imisindo engasekuqaleni ngenkathi usho la magama.)
- 3 Yisho lo msindo *li* ngokucacile bese utshela abafundi ukuthi babukisise umlomo wakho.
- 4 Cela abafundi ukuthi basho lo msindo *li*: "**i-i-i**". Yenza lokhu kube wumdlalo omnandi: yisholo phansi, phakamisa izwi, wusho ubheke odongeni, wusho uwubhekise kusilingi kanye nakubafundi abanye.





You will need:

- Big sequence pictures
- Photocopied and folded little book for each learner

Week 2 Day 1

Whole class activities

More sequencing pictures

- 1 Begin with learners sitting on the mat. Choose learners to stand in front of the class, each holding one of the colour sequence pictures (not in the correct order).
- 2 Ask learners if the pictures are in the correct order. Ask them to point out the picture which should be at the beginning of the story.
- 3 Together as a group, ask learners who are holding the pictures to move around until the story makes sense. Ask questions such as: “Who can remember what happened next?”
- 4 Once you have sequenced the story, learners must move to their tables.
- 5 Give each learner a little book. Encourage them to look at the cover and read the title of the story with them.
- 6 Take learners on a picture walk through the little book, helping them to notice that the pictures in the book are the same as the sequence pictures.
- 7 If there is time, learners can “read” their little book to a partner in the class.
- 8 Encourage learners to take the books home to read with their families.



Introducing a sound from the story



- 1 Ask learners to sit on the mat and listen carefully to you. Say these words from the story: “Sindi, iphalishi, Ibrahim, izinhlobo, ilanga, indondo, izinsuku, elalisendishini, elinobisi. Can you hear the focus sound: Sindi, iphalishi, Ibrahim? Yes, you are right! The focus sound is /i/.”
- 2 “Listen carefully, here are some more words with /i/: iso, ibhikili, isipikili, isihlilingi, isigingci,inja, indishi, indingilizi, impisi, ilitshi.” (Emphasise the focus sound as you say these words.)
- 3 Say the sound /i/ clearly and tell learners to watch your mouth carefully.
- 4 Ask learners to say the sound /i/: “i-i-i”. Make this fun: Say it softly, loudly, to the wall, to the ceiling and to each other.



Nakhu ozokudinga:

- Incwadi Enkulu: *Gijima, Sindi, Gijima*
- Amanzi asezitsheni zokuphatha nebhulashi lokupende kuzotholwa umfundi ngamunye

Isonto 2 Usuku 2

Umsebenzi wekilasi lonke

Ukufunda ngokubambisana – Incwadi Enkulu

- 1 Khuthaza abafundi ukuthi babuke ikhava, bese bekhuluma ngalokho abakubonayo nababona ukuthi bayakwazi.
- 2 Fundela ikilasi isihloko sendaba. Khomba igama ngalinye ngenkathi ufunda. Sifunde futhi isihloko, bese ucela abafundi ukuthi basifunde kanye nawe.
- 3 Siza abafundi ukuthi balandele izithombe encwadini yonke, baxoxe ngazo, bese ubakhuthaza ukuthi babuze imibuzo.
- 4 Khomba izinombolo zekhasi, ukhulume ngokuthi iyiphi inamba ezolandela.
- 5 Uma “sewuyiphenyaphenyile” yonke incwadi, buyela ekuqaleni uyofunda isihloko futhi. Bese uphenya amakhasi ufunde umusho ngamunye ngezwi elicacile owazalwa nalo. Khomba igama ngalinye ngenkathi ufunda.
- 6 Phinda uyifunde incwadi ukhuthaze abafundi ukuthi “bafunde” kanye nawe.



Ukwakha uhlamvu

- 1 Khumbuza abafundi ngomsindo okugxilwe kuwo. Buza kubo ukuthi ukhona yini onegama eliqala ngohlamvu /i/ noma akhona yini amanye amagama abangawacabanga aqala ngohlamvu /i/.
- 2 Fundisa abafundi iminyakazo ehambisana nomsindo lowo. Isib: Abafundi bengenza uphawu lokuthula ngeminwe (emibili) yabo benze sengathi badonsa isihlilingi ngesikhathi bethi: “**isihlilingi**”.
- 3 Buza abafundi ukuthi bayakhumbula yini ukuthi uhlamvu **i** lubhalwa kanjani. Bancome emizameni yabo, bese ubhala uhlamvu olukhulu ebhodini noma emoyeni ngenkathi usho la mazwi: “*Qala echashazini, yehla. Yeqa ufake ichashazi.*”
- 4 Dedela abafundi bazejwayeze ukwakha uhlamvu emoyeni, kukhaphethi, emhlane womunye nomunye noma ezandleni.
- 5 Uma sewuqedile ukubakhombisa ukuthi uhlamvu lubhalwa kanjani, iya ngaphandle bese unika umfundi ngamunye isitsha sokuphatha esinamanzi nebhulashi lokupenda. Abafundi bengadweba uhlamvu ngamanzi ophahleni izikhathi eziningi.
- 6 Khuthaza abafundi ukuthi basho umsindo bawenze futhi ngenkathi bebhala uhlamvu.





You will need:

- Big Book: *Run Lindi Run*
- Water in containers and a paintbrush for each learner

Week 2 Day 2

Whole class activities

Shared reading – Big Book

- 1 Encourage learners to look at the cover picture and talk about what they see and recognise.
- 2 Read the title of the story to the class. Point to each word as you read. Read it again and ask learners to read with you.
- 3 Take learners on a picture walk through the book, discussing the pictures and encouraging learners to ask questions.
- 4 Point out the page numbers and talk about what number will come next.
- 5 When you have “walked” through the whole book, go back to the beginning and read the title again. Then turn the pages and read each sentence in a clear and natural voice. Point to each word as you read.
- 6 Read the book again and encourage learners to read with you.



Forming the letter

- 1 Remind learners of the focus sound. Ask learners if anyone’s name starts with /i/ or if they can think of any other words that start with the sound /i/.
- 2 Teach learners an action associated with the sound. For example: Learners can make a peace sign with their (two) fingers and pretend to be pulling a sling while saying: “**isihlilingi**”.
- 3 Show learners how to write the letter **i**. Praise their attempts, then write a large letter on the board or in the air while saying the following: “*Start at the dot, go down. Lift and dot.*”
- 4 Let learners practise the letter formation in the air, on the mat, on each other’s backs or on their hands.
- 5 Once you have modelled how to write the letter, go outside and give each learner a container with water and a paintbrush. Learners can paint a letter many times in water on the paving.
- 6 Encourage learners to say the sound the letter makes as they write the letter.





Nakhu ozokudinga:

- Ibhokisi lezinhlamvu eliqukethe izinto noma izithombe zezinto ngomsindo **i**: iso, ithini/ibhikili, isipikili, isikhindi, isihlilingi, isigingci, ishidi, irisidi,inja, indishi, indingilizi, impisi, ilitshi, ikhilikithi, ijini, iphikhinikhi, ithikithi

Isonto 2 Usuku 3

Umsebenzi wekilasi lonke

Ukuzejwayeza ukulalela

- Hlalisa abafundi ematafuleni ubatshele bazinze ukuze ikilasi lithobe lithule umsindo.
- Qala umsebenzi wokulalela namuhla ngokuthi: *“Masivaleni amehlo, sithule du imizuzwana embalwa ngenkathi silalele ngokucophelela imisindo esizungezile.”* Tshela abafundi ukuthi bavule amehlo manje bese bexoxa ngayo imisindo abayizwile. Xoxa nawe ngemisindo eseduzane nabo ezwakala iphakeme, usho nokuthi yimiphi ezwakalela phansi echaza ukuthi ikude. Tshela abafundi ukuthi bazokwenza umsebenzi lapho bezolalela khona ngokucophelela lokhu ozokusho.
- Cela abafundi ukuthi banqekuzise amakhanda abo uma inkulumo yakho iyiqiniso. Qala ngokuzama izibonelo ezimbalwa: USindi uyakwazi ukugijima (nqekuzisa ikhanda); Inja iyakwazi ukugijima (nqekuzisa ikhanda).
- Chazela abafundi ukuthi uma bezwa into engelona iqiniso, kumele banikine amakhanda ukusuka eceleni elilodwa ukuya kwelinye. Isibonelo: USindi uyakwazi ukundiza (nikina ikhanda); Itafula liyakwazi ukundiza (nikina ikhanda). Manje ke xuba izibonelo bese ukhumbuza abafundi ukuthi banqekuzise ikhanda uma inkulumo iyiqiniso kuphela.
 - ★ Umfana uyakwazi ukugijima. (nqekuzisa ikhanda)
 - ★ Inja iyakwazi ukundiza. (nikina ikhanda)
 - ★ Inkomo iyakwazi ukundiza. (nikina ikhanda)
 - ★ Intombazane iyakwazi ukundiza. (nikina ikhanda)
 - ★ Inhlanzi iyakwazi ukugijima. (nikina ikhanda)
 - ★ Impukane iyakwazi ukundiza. (nqekuzisa ikhanda)
 - ★ Imbuzi iyakwazi ukundiza. (nqekuzisa ikhanda)
 - ★ Incwadi ingandiza. (nikina ikhanda)
 - ★ Ibhayisikili lingandiza. (nikina ikhanda)
 - ★ Imoto ingandiza. (nikina ikhanda)
 - ★ Ibhanoyi lingandiza (nqekuzisa ikhanda)



Amabhokisi ezinhlamvu

- Cela abafundi ukuthi bahlale kumata bese ubakhombisa ngamunye izinto noma izithombe ezisebhokisini lezinhlamvu. Babuze amagama ezinto. Uma kunabafundi abakhuluma ezinye izilimi, bacele batshele abanye abafundi ukuthi bazibiza ngani lezi zinto ngezilimi abazikhuluma emakhaya. Bese unikeza igama lento ngayinye ngolimi okufundiswa ngalo. Banike izinto noma izithombe baziphathe bazidlulisele komunye nomunye umfundi.
- Buza imibuzo ephathelene nezinto: *“Uke wayibona into efana nale? Senzani ngalokhu? Kumbala muni? Kuzwakala kanjani uma ukuthinta?”*
- Yisho amagama ezinto, ugcizelele umsindo okugxilwe kuwo. Buza abafundi ukuthi bayawuzwa yini umsindo okugxilwe kuwo.
- Cela abafundi ukuthi basho igama lento ngayinye bese ugcizelele umsindo okugxilwe kuwo.
- Uma abafundi sebezwayezile imisindo emisha, bakhombise uhlamvu olusebhokisini lezinhlamvu, bese uthi: *“Lolu hlamvu luveza ukuthi silubhala kanjani uhlamvu i”*. Cela abambalwa kubafundi ukuthi babhale phezu kwemigqa yohlamvu ngeminwe yabo.





You will need:

- A letter box containing objects or pictures of objects that start with **i**: iso, ithini/ibhikili, isipikili, isikhindi, isihlilingi, isigingci, ishidi, irisidi, inja, indishi, indingilizi, impisi, ilitshi, ikhilikithi, ijini, iphikhinikhi, ithikithi

Week 2 Day 3

Whole class activities


Learning to listen

- 1 Seat learners at tables and settle everyone down so that the class is quiet and calm.
- 2 Begin today's listening activity by saying: "Let's close our eyes and be quiet for a few minutes while we listen carefully to the sounds around us." Now tell learners to open their eyes and talk about the sounds they heard. Talk about which sounds are near/close to them (louder) and which ones are far away (softer). Tell learners that they are going to do an activity where they must listen carefully to what you say.
- 3 Ask learners to nod their heads when you make a true statement. Try a few examples together first: Lindi can run (nod head); A dog can run (nod head).
- 4 Explain to learners that when they hear something that is not true, they must shake their heads from side to side. For example: Lindi can fly (shake head); A table can fly (shake head). Now mix up the examples and remind learners to only nod for true statements.
 - ★ A boy can run. (nod head)
 - ★ A dog can fly. (shake head)
 - ★ A cow can fly. (shake head)
 - ★ A girl can fly. (shake head)
 - ★ A fish can run. (shake head)
 - ★ A fly can fly. (nod head)
 - ★ A goat can run. (nod head)
 - ★ A book can run. (shake head)
 - ★ A bike can fly. (shake head)
 - ★ A car can fly. (shake head)
 - ★ An aeroplane can fly. (nod head)
 - ★ A cat can run. (nod head)



Letter boxes

- 1 Ask learners to sit on the mat and show them the objects and pictures in the letter box one at a time. Ask them for the names of the objects. If there are learners who speak different languages, ask them to tell the class what they call the object in their home language. Then give the word in the language of instruction. Let them hold the objects or pictures and pass them around.
- 2 Ask questions about the objects: "Have you seen one of these? What do we use this for? What colour is it? How does it feel?"
- 3 Say the names of the objects while emphasising the focus sound. Ask learners if they can hear the focus sound.
- 4 Ask learners to say the name of each object and emphasise the focus sound when they say the words.
- 5 Once learners have practised the new sound, show them the letter on the letter box and say: "This letter is how we write **i**." Let some learners trace over the letter on the lid with their fingers.





Nakhu ozokudinga:

- Umfundi ngamunye uzothola ipuleti elincane lephepha noma ucezu lwekhadibhodi olusikwe lwaba indingilizi
- Inhlanguisela yamakhayoni asamafutha/upende
- Umshini wokuvula izimbombo emaphepheni ukuze kuvulwe izimbobo onqenqemeni lwepuleti lephepha
- Intambo
- Isaka likabhontshisi noma ibhokisi

Isonto 2 Usuku 4

Umsebenzi wekilasi lonke

Funda bese wenza

- 1 Sebenzisa amapuleti amancane ephepha noma udwebe izindingilizi ekhadibhodini bese uyazisika. Bhala igama lomfundi ngamunye ekhadibhodini noma epuleti lephepha bese usebenzisa umshini wokuvula izimbobo ukuvula imbotshana onqenqemeni oluphezulu lwekhadibhodi noma ipuleti lephepha.
- 2 Buza abafundi ukuthi bayakhumbula yini ukuthi uSindi wayemuhle kuphi- yebo, ekugijimeni! Zungeleza ikilasi lonke ubuze umfundi ngamunye ukuthi ngabe muhle ngakuphi (iliphi ikhono noma isiphiwo abanaso?).
- 3 Vumela umfundi ngamunye ukuthi abheke ikhadibhodi noma ipuleti lephepha elinegama lakhe. Phakathi nendawo kwekhadibhodi noma ipuleti lephepha, kumele umfundi adwebe isithombe sakhe enza nento akamuhle kuyo. Lokhu kuzoba indondo yabo noma ibheji elisambali.
- 4 Ngesikhathi abafundi behlobisa izindondo zabo noma amabheji asazimbali, faka ucezu lwentambo embotsheni. Wenze isiqiniseko sokuthi intambo inde ngokwanele ukungena ekhanda lomfundi bese ubopha ifindo.
- 5 Ekupheleni komsebenzi, klomelisa umfundi ngamunye ngendondo yakhe.

Ukulalela imisindo okugxilwe kuyo

- 1 Tshela abafundi ukuthi bazohlala benze indingiliza bese bedlulisa isaka likabhontshisi omunye anikeze omunye.
- 2 Umfundi ophethe isaka likabhontshisi kumele asho igama lakhe ngesikhathi abanye belalele.
- 3 Buza abafundi ukuthi igama ngalinye liqala ngamuphi umsindo. Uma abafundi sebephendulile, phinda igama nohlamvu olusekuqaleni, kanje: "Yebo, igama lika Sindi liqala ngomsindo *is!*" Umfundi usengawu dlulisa ke usofa osasikhwama.

Ukuhlukahluka: Dlala umculo opholile endaweni yasemuva. Lokhu uwuvula ngezikhathi ezahlukene. Umfundi ophethe usofa osasikhwama kumele azisho igama nokuthi liqala ngaluphi uhlamvu.





You will need:

- A small paper plate or a piece of cardboard cut into a circle for each learner
- Jumbo wax crayons and/or paint
- A punch for making a hole on the edge of the paper plate
- String
- A bean bag or block

Week 2 Day 4

Whole class activities

Read and do

- 1 Use small paper plates or draw circles on cardboard and cut out. Write each learner's name on the cardboard or paper plate and use a punch to make a small hole on the top edge of the cardboard or paper plate.
- 2 Ask learners if they remember what Lindi was good at – yes, running! Go around the class and ask each learner what they are good at (what is their special talent?).
- 3 Let each learner look for the cardboard or paper plate with their name. In the middle of the cardboard or paper plate, they must draw a picture of themselves doing something that they are good at. This will be their medal or rosette.
- 4 While learners are decorating their medal or rosette, thread a piece of string through the hole. Make sure the string is long enough to loop over the learner's head and then tie a knot.
- 5 At the end of the activity, present each learner with their medal.

Listening for focus sounds

- 1 Tell learners they are going to sit in a circle and pass the bean bag around.
- 2 The learner holding the bean bag must say their name while everyone listens.
- 3 Ask the class what sound each name starts with. Once learners have answered, repeat the name and the beginning sound like this: "Yes, *Sindi's name starts with the sound /s/.*" The learner can then pass the bean bag.

Variation: Play some gentle music in the background. Stop the music every now and again. The learner holding the bean bag must say their name and the sound it starts with.





Nakhu ozokudinga:

- Ikhasi elikhulu lephepha
- Amapeni okumaka
- Inhlanguisela yamakhrayoni asamafutha
- Amagama amaqoqo ezinhlamvu eziningi ahlobene nendaba: kusasa, khumbula, intandokazi, Ibrahim ugogo, ukwesasa, ekuseni, umdoko, amanzi, indondo, uphilile, okukhethekile, isiphiwo

Isonto 2 Usuku 5

Umsebenzi wekilasi lonke


Yakha, udwebe bese uyabhala

- 1 Tshela abafundi ukuthi ujabule kakhulu: *“Sizoba nomjaho lapha ekilasini lethu, njengo Sindi! Asimemeni uthishanhloko wethu azosibuka bese ekhipha imiklomelo.”*
- 2 Khuluma ngeminingwane esemqoka kakhulu okumele efakwe uma kwenziwa isimemo: igama lika thishanhloko, usuku kanye nesikhathi okuzokwenza ngakho umjaho, nendawo futhi lapho umjaho ozobe wenzeka khona.
- 3 Yethula isimemo: *“Iya ku [bhala igama lika thishanhloko]”* ecezwini olukhulu lwephepha ngepeni lokumaka eligqamisayo noma eliwu gqinsi.
- 4 Nindawonye nabafundi, vumelanani ngeminye iminingwane okufanele ibhalwe kuso isimemo: Usuku, Isikhathi, Indawo.
- 5 Bhala phansi imibono ngesikhathi abafundi benza iziphakamiso.
- 6 Buza abafundi: *“Imiphi eminye iminingwane okufanele siyifake esimemweni sethu?”* Ungaphakamisa lokhu okulandelayo: *“Siyabonga ngokuza mjahweni wethu nangokunikezela ngemiklomelo.”*
- 7 Funda isimemo esesiphelele nabafundi, ukhomba igama ngalinye ngesikhathi ufunda.
- 8 Cela abnye abafundi ukuthi ukuthi badwebe izithombe ukuze kuhlotshiswe isimemo besebenzisa amakhrayoni be uyabahlelela ukuthi besihambise kuthishanhloko.
- 9 Yenza isiqiniseko sokuthi umjaho uzobanjwa ngosuku okumunyelwene ngalo, futhi ngesikhathi esibhaliwe esimemweni.

Ukuhlanguisa nokuhlukanisa (amalunga)

- 1 Cela abafundi ukuthi bahlale kumata. Phimisa igama elilodwa kulawa asohlwini lwamagama anamalunga amaningi, uveze ukuthi ahlukani kwanjani amalunga awo, isibonelo: **i | ndo | ndo**.
- 2 Khetha umfundi ozosukuma agxume elungeni naselungeni elishiwoyo: **i** (ugxuma kanye) **ndo** (agxume kanye) **ndo** (agxume kanye).
- 3 Mcele agxume futhi, abafundi mabamshayele izandla kukho konke ukugxuma kwakhe.
- 4 Nikeza abafundi bonke ithuba lokulalela igama elisohlwini bese begxuma ngenkathi belehlukani ngamalunga.





You will need:

- A large sheet of paper
- Marker pens
- Jumbo wax crayons
- Multisyllabic words relating to the story: kusasa, khumbula, intandokazi, Ibrahim ugogo, ukwesasa, ekuseni, umdoko, amanzi, indondo, uphillile, okukhethekile, isiphiwo

Week 2 Day 5

Whole class activities

Make, draw and write

- 1 Tell learners that you are very excited: *"We are going to have a running race for our class, just like Lindi! Let us invite our principal to come and watch the race and hand out prizes."*
- 2 Talk about the most important information to put on an invitation: the name of the principal; the day and time when the race will take place, and of course, the place where the race will take place.
- 3 Address the invitation: *"To [write the name of your principal]"* on a big piece of paper in a thick marker pen.
- 4 Together with learners, agree on the other information you need to write on the invitation: Event, Day, Time, Place.
- 5 Write down ideas as learners make suggestions.
- 6 Ask learners: *"What other information must we put on our invitation?"* You could suggest the following: *"Thank you for coming to our race and handing out prizes."*
- 7 Read the complete invitation together with the learners, pointing to each word as you read.
- 8 Ask some learners to draw pictures to decorate the invitation using crayons and then arrange for them to deliver it to the principal.
- 9 Make sure you hold the race on the agreed date, and at the time written on the invitation.

Blending and segmenting (syllables)

- 1 Ask learners to sit on the mat. Say one of the words from the list of multisyllabic words and model how to break it into syllables, for example: **i | ndo | ndo**.
- 2 Choose a learner to stand up and jump for each of the syllables: **i** (one jump) **ndo** (one jump) **ndo** (one jump).
- 3 Ask the learner to jump again, and this time learners must clap for each jump.
- 4 Let learners take turns to listen to a word from the list and jump as they break it into syllables.



★ U-Ali nopende

Indaba

Namuhla ngifisa ukunazisa kuMnu noNkk Ibrahim. Banesitolo esithengisa izinto eziningi ezinhle. (Niyawukhumbula umjaho kaSindi ukuthi wasukela esitolo sikaMnu Ibrahim?) Ngelinye ilanga kwafika uNkk Ibrahim ekhaya ephethe izipho zezingane zakhe ezimbili, uMusa no-Ali.

Wabe esekhipha isipho sika-Ali esikhwameni sakhe. Sasisikhulu futhisiyimbulunga. UNkk Ibrahim wabe esefunda ikhadi. Lalithi, "Ali othandekayo, uMama noBaba bayakhonza." Ucabanga ukuthi yini eyayiphakathi kulesi sipho? Wasivula u-Ali isipho. Kwakuyibhola elihle elibomvu. U-Ali wathi: "Ngiyabonga, Mama!" Wayesethatha ibhola waphumela ngaphandle wayolidlala.



UMusa wabheka esakhe isipho. Sasisebhokisini eliyisikwele. UNkk Ibrahim wabe esefunda ikhadi, lalithi: UNkk Ibrahim wabe esefunda ikhadi. Lalithi, "Musa othandekayo, uMama noBaba bayakhonza." Wasivula uMusa isipho, kanti-ke nakhu akuthola. Kwakunebhulashi lokupenda kanye namabhodlela amane amakhulu kapende – obomvu, ophuzi, osasibhakabhaka nosatshani. Wajabula kakhulu uMusa ngoba wayekuthanda ukupenda izithombe. Wathi, "Ngiyabonga, Mama. Ngizopenda isithombe sakho nobaba."



Uthe uma eqeda ukupenda uMusa, wabuyisela upende ebhokisini, wayesephumela emnyango eyodlala nabangane bakhe. Esaphumile, kwakhona okwenzekayo. Kwangena u-Ali ngaphakathi, wabona ibhokisi phezu kwetafula. Wezwa efisa ukubona ukuthi yini ephakathi ebhokisini, wabeka isihlalo eduze kwetafula, ... ucabanga ukuthi wayesenzani? Wabe esegibela esihlalweni u-Ali, wadlulela etafuleni. Wayesevula ibhokisi, wakhipha upende wonke.

Ucabanga ukuthi wayesenzani okulandelayo? Wavula upende osatshani u-Ali, wagcobisa ikhala lakhe. Ngikhombise ukuthi waligcobisa kanjani ikhala lakhe ngopende osatshani. Wayesevula upende obomvu, wawugcobisa esiswini sakhe. Ngikhombise ukuthi wawugcobisa kanjani upende obomvu esiswini sakhe. Wayesevula upende osasibhakabhaka, wawugcobisa kuzo zonke izinzwane zakhe. Uyakwazi ukunyakazisa izinzwane zakho?

U-Ali-ke manje wayesenopende osatshani ... ekhaleni; enopende obomvu ... esiswini; futhi enopende osasibhakabhaka ... ezinzwaneni. Uyazi ukuthi kwakusele upende onjani ebhokisini? Ngupende ophuzi owawusele ebhokisini. Kodwa u-Ali akakwazanga ukuthatha upende ophuzi ngoba kwasuke kwangena uNkk Ibrahim wambona.

Wahleka u-Ali, washaya izandla. UNkk Ibrahim wathi: "Ali! Wenzani?" Wayesematheka, wathi: "Ikhala lakho lisatshani. Isisu sakho sibomvu. Izinzwane zakho zisasibhakabhaka. Mina ngiyakuthanda!"

Wathatha u-Ali uNkk Ibrahim waphuma naye wafika wamgeza ikhala, isisu kanye nezinzwane. Wayesefaka opende ekhabetheni ukuze angafikeli kubo u-Ali.

Iphela lapho indaba.



★ Ali and the paint

Story

Today I would like you to meet Mr and Mrs Ibrahim. They own a shop selling many interesting things. (Do you remember Lindi's race started from Mr Ibrahim's shop?) One day Mrs Ibrahim came home with presents for her two children, Musa and Ali.

She took Ali's present out of her bag. It was a big, round shape. Mrs Ibrahim read the card. It said: "Dear Ali, Love from Mommy and Daddy." What do you think was in the present? Ali opened his present. It was a lovely red ball. Ali said: "Thank you, Mommy!" and he took the ball and went outside to play.

Musa looked at his present. It was a box with a square shape. Mrs Ibrahim read the card. It said: "Dear Musa, Love from Mommy and Daddy." He took the square shaped present and opened it and this is what he found. There was a paintbrush and four jars of paint – red, yellow, blue and green. Musa was so happy because he loved to paint pictures. He said: "Thank you, Mommy. I will paint a picture for you and Daddy."



When he had finished painting, Musa put the paints back in the box and went outside to play with his friends. While he was out, something happened. Ali came inside and saw the box on the table. He wanted to see what was inside the box so he pushed the chair next to the table and ... what do you think he did? Ali climbed onto the chair and then onto the table. Then he opened the box and took out all the paints.

And what do you think he did next? Ali opened the green paint and he rubbed some of it on his nose. Show me how he rubbed green paint on his nose. Then he opened the red paint and rubbed some of the red paint on his tummy. Show me how you rub red paint on your tummy. Then he opened the blue paint and rubbed the blue paint all over his toes. Can you wiggle your toes?


Now little Ali had green paint on his ... nose; red paint on his ... tummy; and blue paint on his ... toes. Do you know what colour paint was left in the box? Yes! The yellow paint was left in the box. But Ali did not take the yellow paint because just then Mrs Ibrahim came in and she saw him.

Ali laughed and clapped his hands. Mrs Ibrahim said: "Ali! What are you doing?" She sounded quite cross. But then she smiled and said: "Your nose is green. Your tummy is red. Your toes are blue. And I love you!"

Mrs Ibrahim took Ali outside and she washed his nose, his tummy and his toes. Then she put the paints inside the cupboard so Ali could not get them again.

And that is the end of the story.





Iculo

U-Ali upenda ikhala lakhe
liba satshani, libasatshani, libasatshani,
libasatshani,

U-Ali upenda ikhala lakhe liba
satshani, libasatshani, libasatshani,
Bakithi, Ali!

U-Ali upenda isisu sakhe siba
bomvu, sibabomvu, sibabomvu,
sibabomvu,
U-Ali upenda isisu sakhe siba
bomvu, sibabomvu, sibabomvu,
Bakithi, Ali!

U-Ali upenda izinzwane zakhe ziba
sasibhakabhaka, zibasasibhakabhaka,
zibasasibhakabhaka,
zibasasibhakabhaka,
U-Ali upenda izinzwane zakhe ziba
sasibhakabhaka,
zibasasibhakabhaka,
zibasasibhakabhaka, Bakithi, Ali!




(Cula ulingise iculo elithi, "The Wheels on the bus" noma usebenzise elakho iculo.)

Amagama amasha endabeni

Amagama awukhiye	sasibhakabhaka	satshani	phuzi	bomvu	upende	isipho
Amagama ongeziwe:	ibhulashi	imbulunga	isikwele	ibhodlela	isisu	ikhala
	izinzwane	gibela	vula	nyakazisa	ngaphakathi	gcobisa





Song

Ali paints his nose and it's green, green, green,
 green, green, green,
 green, green, green.
 Ali paints his nose and it's green, green, green,
 Oh dear, Ali!

Ali paints his tummy and it's red, red, red,
 red, red, red,
 red, red, red.
 Ali paints his tummy and it's red, red, red,
 Oh dear, Ali!

Ali paints his toes and they're blue, blue, blue,
 blue, blue, blue,
 blue, blue, blue.
 Ali paints his toes and they're blue, blue, blue,
 Oh dear, Ali!



(Sing to the tune of "The Wheels on the bus" or use your own tune.)

Vocabulary from the story

Key-words:	blue	green	yellow	red	paint	present
Extra words:	paintbrush	round	square	jar	tummy	nose
	toes	climb	open	wiggle	inside	rub





Nakhu ozokudinga:

- Indaba: *U-Ali nopende*
- Amaphaphethi: UMusa, u-Ali noNkk Ibrahim, amabhodlela amane kapende amakhulu
- Okudingeka eshashalazini: ibhola elibomvu noma isithombe sebhola elibomvu, ibhokisi eliyisikwele elisongwe njengesipho, ibhulashi lokupenda, amakhadi amabili avela kubaba nomama aya kubafana, izinto zokupenda zikaMusa, isb. Umdwebo wothingo lwenkosazana
- Izinto noma amakhadi anezithombe noma amagama athathwe ohlwini lwamagama amasha.

Isonto 1 Usuku 1

Umsebenzi wekilasi lonke

Yisho la mazwi *Amevlo amabili okubona* ukuqwashisa abafundi ukuthi sekuyisikhathi sokuxoxa izindaba.

Amevlo amabili okubona

Umlomo owodwa wokukhuluma nokucula,
Amevlo amabili okubona,
Izindlebe ezimbili zokuzwa,
Imilenze emibili yokuhamba nokugijima;
Nazi izandla zami

Nginike ezakho – kinina nonke, yisikhathi sezindaba!

Ukuxoxa indaba nokwakha uhlu lwamagama amasha

1 Ngaphambi kokuxoxa indaba

- 1.1 Tshela abafundi isihloko sendaba bese wethula abalingiswa usebenzisa amaphaphethi.
- 1.2 Fanisa indaba nempilo yabafundi: Khuluma ngemindeni yabafundi bese uxoxa ngobudala beminyaka yabafowabo nawodadewabo babafundi.
- 1.3 Yithi: *“Ngaphambi kokuthi siqale, ngifuna ukunitshela ukuthi yimaphi amagama amasha esizowathola kule ndaba.”* Xoxa ngamagama abalulekile asemagameni amasha, ukhombise abafundi into ethile noma isithombe, noma wenze okuthile ukubakhombisa ukuthi igama lisho ukuthini. Isibonelo: cela abafundi bakhumule izicathulo bese ubakhombisa bonke ukuthi zinyakaza kanjani izinzwane uma benza lokho.

2 Ngenkathi uxoxa indaba

- 2.1 Yixoxe ngomdlandla, uguqule izwi njalo.
- 2.2 Nyakaza uphinde usebenzise amaphaphethi nezinto zeshashalazi.
- 2.3 Cela abafundi ukuthi baqagele ukuthi kungahle kwenzekeni endabeni, ngokulandelayo ubenze babe yingxeny yendaba ngokubabuza imibuzo enezimpendulo eziningi, efana nokuthi: *“Kazi uMama ka-Ali uzokwenzani lapho ezobona khona ukuthi u-Ali usenzi.”*

3 Emva kokuxoxa indaba

- 3.1 Buza abafundi uthi: *“Yini eniyithandile endabeni? Yini eningayithandanga? Iyiphi ingxeny ebe mnandi kakhulu? Mibuzo mini eninayo ngendaba?”*

Ukwethula umsindo othathwe endabeni

- 1 Cela abafundi bahlale phansi kumata balalele okushoyo ngokuqikelela. Yisho la mazwi owathathe endabeni: *“uMusa, Mama, manje, namuhla. Uyayizwa imisindo okugxilwe kuyo: uMusa, Mama, manje, namuhla? Yebo, uqinisile! Wonke anomisindo /m/.”*
- 2 *“Lalelisa, nanka amagama aqala ngomisindo /m/: misa, mamatheka, umunwe, umuthi, umese, imoto, imali, umalusi.”* (Gcizelela imisindo engasekuqaleni ngenkathi usho la magama.)
- 3 Yisho lo msindo /m/ ngokucacile bese utshela abafundi ukuthi babukisise umlomo wakho.
- 4 Cela abafundi ukuthi basho lo msindo /m/: *“m-m-m”*. Yenza lokhu kube wumdlalo omnandi: yisholo phansi, phakamisa izwi, wusho ubheke odongeni, wusho uwubhekise kusilingi kanye nakubafundi abanye.

Imisebenzi yokwenziwa ngamaqembu amancane

Chazela abafundi ukuthi sebezosebenza ngamaqenjane nsuku zonke. Chaza uphinde ukhombise ukuthi lo msebenzi wokwenziwa wenziwa kanjani, uchaze ukudedelana kwabo ngosuku nosuku. Chaza ukuthi bazoqoqa kanjani ekugcineni.





You will need:

- Story: *Ali and the paint*
- Puppets: Musa, Ali and Mrs Ibrahim, four jars of paint
- Props: red ball or picture of a ball, a square box wrapped as a present, a paint-brush, two cards to the boys from Mom and Dad, Musa's painting, e.g. a rainbow painting
- Objects or picture cards for some of the words from the vocabulary list

Week 1 Day 1

Whole class activities

Say the rhyme *Two eyes to see* to bring learners to the mat for story time.

Storytelling and building vocabulary

1 Before you tell the story

- 1.1 Tell learners the title of the story and introduce the characters using the puppets.
- 1.2 Relate the story to learners' lives: Talk about learners' families and discuss the ages of their siblings.
- 1.3 Say: *"Before we begin, I want to tell you the meaning of some new words which we will find in the story."* Discuss the keywords from the vocabulary list, and show learners an object or a picture or do an action to show them what a word means. For example, ask learners to take off their shoes and show everyone how they wiggle their toes.

2 While you tell the story

- 2.1 Tell the story in a lively way and use different voices.
- 2.2 Do actions and make use of the puppets and props.
- 2.3 Ask learners to predict what happens next in the story and involve them through open-ended questions, such as: *"I wonder what Ali's Mommy is going to do when she sees what he has done?"*

3 After you tell the story

- 3.1 Ask learners: *"What did you like about the story? What didn't you like? What was your best part? What questions do you have about the story?"*

Introducing a sound from the story

- 1 Ask learners to sit on the mat and listen carefully to you. Say these words from the story: *"uMusa, Mama, manje, namuhla. Can you hear the focus sound: uMusa, **M**ama, **m**anje, **n**amuhla? Yes, you are right! They all have the sound /m/."*
- 2 *"Listen carefully, here are some more words with /m/: misa, mamatheka, umunwe, umuthi, umese, imoto, imali, umalusi."* (Emphasise the focus sound as you say these words.)
- 3 Say the sound /m/ clearly and tell learners to watch your mouth carefully.
- 4 Ask learners to say the sound /m/: *"m-m-m"*. Make this fun: Say it softly, loudly, to the wall, to the ceiling and to each other.

Small group activities

Explain that learners will be working in small groups each day. Explain and show how each activity is done and explain the daily rotation. Explain the tidy-up process.





Nakhu ozokudinga:

- Amaphaphethi asendabeni
- Umculo kanye nezithombe/nezidingeka eshashalazini okomculo

UStella uthi:



Khumbula ukubuza abafundi ukuthi ngabe bayakwazi yini ukusho amagama esilulumagama ngolimi lwabo uma bekhuluma olimi oluhlukile ekhaya.

Isonto 1 Usuku 2

Umsebenzi wekilasi lonke


Ukuxoxa indaba kanye nokucula

- 1 Qala ngokukhumbuza abafundi incazelo yamagama owethule ngoSuku-1.
- 2 Phinda uxoxe indaba ngamaphaphethi. Buza imibuzo ngenkathi uxoxa indaba. Khuthaza abafundi ukuthi baqagele ukuthi yini ezokwenzeka ngokulandelayo endabeni.
- 3 Tshela abafundi ukuthi uzobafundisa iculo elisha elizohambisana nendaba.
- 4 Yisho imigqa embalwa yeculo ngokucacile, usho ngokungasheshi, bese ucela abafundi ukuthi bangene bacule kanye nawe. Kungaba lukhuni khona kubafundi ukukhumbula amagama, ngakho bafundise ngezingxenyana ezincane zeculo.
- 5 Yiba nezithombe kanye nezinto zeshashalazi ukusiza abafundi ukuthi baluqonde ulimi lweculo.
- 6 Fundisa abafundi iminyakazo yeculo, kube umdlalo omnandi ukulicula ngezilimi ezahlukene.



Ukwakha uhlamvu


- 1 Khumbuza abafundi ngomsindo okugxilwe kuwo. Buza kubo ukuthi ukhona yini onegama eliqala ngohlamvu /m/ noma akhona yini amanye amagama abangawacabanga aqala ngohlamvu /m/
- 2 Fundisa abafundi iminyakazo ehambisana nomsindo lowo. Isib: Abafundi bengenza sengathi badla u-ayisikhilimu ngesikhathi bethi: "m-m-mnandi".
- 3 Buza abafundi ukuthi bayakhumbula yini ukuthi uhlamvu m lubhalwa kanjani. Bancome emizameni yabo, bese ubhala uhlamvu olukhulu ebhodini noma emoyeni ngenkathi usho la mazwi: "Qala echashazini, yehla, uma uphakathi nendawo uye phezulu futhi, bese uzungeleza."
- 4 Dedela abafundi bazejwayeze ukwakha uhlamvu emoyeni, kukhaphethi, emhlane womunye nomunye noma ezandleni. Bangazama futhi ukusebenzisa imizimba yabo ukwakha uhlamvu.
- 5 Uma sewuqedile ukubakhombisa ukuthi uhlamvu lubhalwa kanjani, khuthaza abafundi ukubhala uhlamvu enhlabathini ngokhuni.
- 6 Khuthaza abafundi ukuthi basho umsindo bawenze futhi ngenkathi bebhala uhlamvu.



Imisebenzi yokwenziwa ngamaqembu amancane

Khumbuza abafundi ngemisebenzi abazoyenza bengamaqenjane amancane, imithetho yomsebenzi ngamunye kanye nendlela odinga kuqoqwe ngayo.





You will need:

- Puppets for the story
- Music and props or pictures for the song

Stella says:

Remember to ask learners if they know how to say the vocabulary words in their language if they speak a different language at home.



Week 1 Day 2

Whole class activities


Storytelling and singing

- 1 Begin by reminding learners of the meaning of words that you introduced on Day 1.
- 2 Retell the story using the puppets. Ask questions as you tell the story. Encourage learners to predict what will happen next.
- 3 Tell learners you are going to teach them a new song to go with the story.
- 4 Say a few lines of the song clearly and slowly, and then ask learners to join in and sing together with you. It may be difficult for learners to remember all the words, so teach the song in parts.
- 5 Have pictures or props or do actions to help learners understand the language of the song.
- 6 Teach learners the actions for the song and have fun singing in more than one language.



Forming the letter

- 1 Remind learners of the focus sound. Ask learners if anyone's name starts with /m/ or if they can think of any other words that start with the sound /m/.
- 2 Teach learners an action associated with the sound. For example: Learners can pretend to eat an ice-cream while saying: "m-m-mnandi".
- 3 Show learners how to write the letter **m**. Praise their attempts, then write a large letter on the board or in the air while saying the following: "Start at the dot, go down, up, over, down, up, over and down again."
- 4 Let learners practise the letter formation in the air, on the mat, on each other's backs or on their hands. They can also try using their bodies to make the letter.
- 5 Once you have modelled how to write the letter, encourage learners to use a stick to write the letter in the sand.
- 6 Encourage learners to say the sound the letter makes as they write the letter.



Small group activities

Remind learners about the small group activities, the rules for each activity and the tidy-up process.



Nakhu ozokudinga:

- Amaphaphethi asendabeni
- Okudingeka eshashalazini: ibhola elibomvu noma isithombe sebhola, ibhokisi eliyisikwele eligoqwe njenge siphon, ibhulashi lokupenda, amakhadi amabili abafana abuya kuMama noBaba, umdwebo kaMusa, isibonelo. umdwebo wothingolwenkosazana
- Ibhokisi lezinhlamvu eliqukethe izinto noma izithombe zezinto ngomsindo /m/: umentshisi, umunwe, umuthi, umese, umama, imoto, imali, umango

Isonto 1 Usuku 3

Umsebenzi wekilasi lonke

Ukuxoxa indaba kanye nokuyidlala

- 1 Cula iculo.
- 2 Buza abafundi ukuthi bayayikhumbula yini incazelo yamagama asohlwini lwamagama amasha. Isibonelo: *“Cela umfundi ukuthi afake upende ebhokisini; gibela esihlalweni.”*
- 3 Khetha abafundi abazoba ngabadlali endabeni.
- 4 Khuluma kubafundi ngendaba. Tshela abafundi ukuthi bazoba ngobani uma kudlalwa indaba, bese ubakhombisa izinto abazozisebenzisa ukuxoxa indaba.
- 5 Chazela abafundi ukuthi wena (thisha) uzoba ngumxoxi wendaba, kanti futhi uzokwaziwa njengomlandi. Abafundi abazolingisa bazoyenza yonke into ozoyisho. Basize ukuhlela ukuthi bazokuma kanjani.
- 6 Qala uxoxe indaba, bese ukhuthaza abafundi ukuthi benze iminyakazo ehambisana namagama, ngenkathi ikilasi lonke libukela kudlalwa.
- 7 Uma isikhathi sikhona, bangawuphinda umdlalo sewudlalwa ngabanye abafundi.

Amabhokisi ezinhlamvu

- 1 Cela abafundi ukuthi bahlale kumata bese ubakhombisa ngamunye izinto noma izithombe ezisebhokisini lezinhlamvu. Babuze amagama ezinto. Uma kunabafundi abakhuluma ezinye izilimi, bacele batshele abanye abafundi ukuthi bazibiza ngani lezi zinto ngezilimi abazikhuluma emakhaya. Bese unikeza igama lento ngayinye ngolimi okufundiswa ngalo. Banike izinto noma izithombe baziphathe bazidlulisele komunye nomunye umfundi.
- 2 Buza imibuzo ephathelene nezinto: *“Uke wayibona into efana nale? Senzani ngalokhu? Kumbala muni? Kuzwakala kanjani uma ukuthinta?”*
- 3 Yisho amagama ezinto, ugcizelele umsindo okugxilwe kuwo. Buza abafundi ukuthi bayawuzwa yini umsindo okugxilwe kuwo.
- 4 Cela abafundi ukuthi basho igama lento ngayinye bese ugcizelela umsindo okugxilwe kuwo.
- 5 Uma abafundi sebezwayezile imisindo emisha, bakhombise uhlamvu olusebhokisini lezinhlamvu, bese uthi: *“Lolu hlamvu luveza ukuthi silubhala kanjani uhlamvu m”*. Cela abambalwa kubafundi ukuthi babhale phezu kwemigqa yohlamvu ngeminwe yabo..



Imisebenzi yokwenziwa ngamaqembu amancane

Khumbuza abafundi ngemisebenzi abazoyenza bengamaqenjana amancane, imithetho yomsebenzi ngamunye kanye nendlela odinga kuqoqwe ngayo.





You will need:

- Puppets for the story
- Props: red ball or picture of a ball, a square box wrapped as a present, a paintbrush, two cards to the boys from Mom and Dad, Musa's painting, e.g. a rainbow painting
- A letter box containing objects or pictures of objects that have the focus sound **m**: umentshisi, umunwe, umuthi, umese, umama, imoto, imali, umango

Week 1 Day 3


Whole class activities

Storytelling and role play

- 1 Sing the song.
- 2 Ask learners if they can remember the meaning of words from the vocabulary list. For example: Ask a learner to put the paint inside the box; climb onto a chair.
- 3 Choose learners to play the characters in the story.
- 4 Talk about each character in the story. Tell learners who they are going to be in the role play and show them the props that will be used to tell the story.
- 5 Explain to learners that you (the teacher) are going to be the storyteller, also known as the narrator. The acting learners are going to act out everything you say. Help them to organise where they are going to stand.
- 6 Start telling the story and encourage learners to do the actions to match your words while the rest of the class watches the role play.
- 7 If there is time, you may want to repeat the role play with different learners.

Letter boxes

- 1 Ask learners to sit on the mat and show them the objects and pictures in the letter box one at a time. Ask them for the names of the objects. If there are learners who speak different languages, ask them to tell the class what they call the object in their home language. Then give the word in the language of instruction. Let them hold the objects or pictures and pass them around.
- 2 Ask questions about the objects: "Have you seen one of these? What do we use this for? What colour is it? How does it feel?"
- 3 Say the names of the objects while emphasising the focus sound. Ask learners if they can hear the focus sound.
- 4 Ask learners to say the name of each object and emphasise the focus sound when they say the words.
- 5 Once learners have practised the new sound, show them the letter on the letter box and say: "This letter is how we write **m**." Let some learners trace over the letter on the lid with their fingers.



Small group activities

Remind learners about the small group activities, the rules for each activity and the tidy-up process.



Nakhu ozokudinga:

- Izithombe ezinkulu ezilandelanayo
- Amaphaphethi asendabeni noma izinto noma izithombe zezinye zezinto ezisendabeni

UStella uthi:



Lena yimibuzo ewusizo engabuzwa ngesithombe ngasinye:

- "Ngabe ubona bani?" (abalingiswa)
- "Ngabe wenzani?" (izenzo neminyakazo)
- "Yini enye oyibonayo?" (ukubheka futhi)
- "Ikuphi i...?" (ukusho izindawo)
- "Kungani ucabanga ukuthi ...?" (Ukucabanga okunokuqamba, ukuveza imibono)

Isonto 1 Usuku 4

Umsebenzi wekilasi lonke

Ukulandelanisa izithombe

- 1 Cula iculo futhi.
- 2 Yethula amagama owacaphune ohlwini lwamagama amasha.
- 3 Khetha esisodwa sezithombe usibambe usiphakamise. Buza abafundi ukuthi babonani, bese ukhuluma ngesithombe ngokujulile.
- 4 Uma sewuxoxile ngesithombe ngasinye, sinamathisele ebhodini ukuze abafundi basibone. Kuqinisekise lokho izithombe azilandelani okwamanje kulo msebenzi.
- 5 Emva kokukhuluma ngazo zonke izithombe, buza abafundi uthi: "Ngabe izithombe zilandelana ngokwamukelekile na?"
- 6 Cela abafundi ukuthi bakhombe isithombe esihambelana nesiqalo sendaba. Sebenzisananani ukulandelanisa izithombe ukuze indaba ilandeleke.
- 7 Gcina abafundi benamathele kukho konke okwenziwayo. Buza imibuzo efana nokuthi: "Kwase kulandelani? Ngubani okhumbula into eyenzeka emva kwalokho?"
- 8 Uma izithombe sezilandelana kahle, cela abafundi abambalwa ukuthi baphinde bayixoxe indaba ngokulandelana kwezehlakalo.




Ukulalela imisindo okugxilwe kuyo

- 1 Cula leli culo elilandelayo kanje "Uma ujabulile futhi wazi".
 - ★ Uma igama lakho liqala ngohlamvu /m/, sukuma;
 - ★ Uma igama lakho liqala ngohlamvu /m/, sukuma;
 - ★ Uma igama lakho liqala ngohlamvu /m/, sukuma bese uyakhothama;
 - ★ Uma igama lakho liqala ngohlamvu /m/, sukuma.
- 2 Liphindaphinde uguqule imisindo neminyakazo, njengokuthi "shaya izandla", "phenduka", njalo-njalo.

Imisebenzi yokwenziwa ngamaqembu amancane

Khumbuza abafundi ngemisebenzi abazoyenza bengamaqenjana amancane, imithetho yomsebenzi ngamunye kanye nendlela odinga kuqoqwe ngayo.





You will need:

- Big sequence pictures
- Puppets from the story or objects or pictures of some of the things from the story

Week 1 Day 4

Whole class activities

Sequencing pictures

- 1 Sing the song again.
- 2 Introduce new words from the vocabulary list.
- 3 Choose one of the sequence pictures and hold it up. Ask learners what they see, then talk about the picture in detail.
- 4 Once you have discussed each picture, stick it on the board so learners can see it. Make sure the pictures are not in sequence at this stage of the activity.
- 5 After talking about all the pictures, ask learners: "Are the pictures in the correct order?"
- 6 Ask learners to point out the picture for the beginning of the story. Work together to arrange the sequence of the pictures so the story makes sense.
- 7 Keep learners actively involved in this process. Ask questions like: "What happened next? Who can remember the next part of the story?"
- 8 When the pictures are in the correct order, invite a few learners to retell the story in the correct sequence.

Stella says:



These are useful questions to ask about each picture:

- "Who can you see?" (characters)
- "What is he/she/it doing?" (verbs and actions)
- "What else can you see?" (looking again)
- "Where is the ...?" (naming places/position)
- "Why do you think...?" (creative thinking, expressing opinions)



Listening for focus sounds

- 1 Sing the following song to the tune of "If you're happy and you know it".
 - ★ If your name begins with /m/, then stand up;
 - ★ If your name begins with /m/, then stand up;
 - ★ If your name begins with /m/, stand up and take a bow;
 - ★ If your name begins with /m/, then stand up.
- 2 Repeat with different sounds and movements, such as "clap your hands", "turn around", and so on.



Small group activities

Remind learners about the small group activities, the rules for each activity and the tidy-up process.



Nakhu ozokudinga:

- Ikhophi **yekhasi lomsebenzi wasipho** kumfundi ngamunye
- Inhlanguaniselwa yamakhrayoni asamafutha
- Isikele
- Ibhokisi eligoqwe ngephepha lokugoqa elihanbisana nekhasi lesipho elibhaliwe ninamathiselwe kulo
- Amagama amaqoqo ezinhlamvu eziningi ahlobene nendaba: itafula, upende, ibhulashi, isipho, isusu, ikhabethe, iphepha, okuphuzi

Isonto 1 Usuku 5


Umsebenzi wekilasi lonke

Yakha, udwebe bese uyabhala

- 1 Phinda uyixoxe indaba usebenzisa amaphaphethi.
- 2 Khombisa "isipho" esinekhadi elinanyathiselwe kusona. Funda ikhadi: "Ali othandekayo, Livela kuMama noBaba." Cela abafundi basho ukuthi kungani siba nezipho ezihambisana namakhadi.
- 3 Nikeza umfundi ngamunye ikhasi lomsebenzi wokwenziwa, bese ubakhombisa ukuthi ligoqwa kanjani ikhasi kulandelwa umugqa wamachashazi. Cela abafundi ukuthi benze sengathi yisipho sabo lesi. Bakhombise iphepha lokusisonga kanye nesiqeshana sokubhala amazwana. Xoxa nangeminye imibono. Banike imizuzu embalwa ukuze bacabange isipho abangasijabulela.
- 4 Batshele ukuthi mabadwebe isipho ohlangothini olungenalutho lwephepha.
- 5 Bacele futhi ukuthi bafake umbala ephepheni lokusonga. Ngenkathi besebenza, zulazula phakathi kwabo ubabuze ukuthi isipho sabo sivela kubani. Yithi mababhale igama esikhaleni okubhalwa kuso. Isibonelo: "Liya kuLolo, Livela kuGogo" noma "Liya kuBen, Livela kuMalume".
- 6 Uma sebeqedile, bamise ngababili bakhombisane baphinde bakhulume ngezipho zabo.

Ukuhlanguanisa nokuhlukanisa (amalunga)


- 1 Cela abafundi ukuthi bahlale kumata. Phimisa igama elilodwa kulawa asohlwini lwamagama anamalunga amaningi, uveze ukuthi ahlukaniswa kanjani amalunga awo, isibonelo: **u | pe | nde**.
- 2 Khetha umfundi ozosukuma agxume elungeni naselungeni elishiwoyo: **u** (ugxuma kanye) **pe** (agxume kanye) **nde** (agxume kanye). Mcele agxume futhi, abafundi mabamshayele izandla kukho konke ukugxuma kwakhe.
- 3 Nikeza abafundi bonke ithuba lokulalela igama elisohlwini bese begxuma ngenkathi belehlukaniswa ngamalunga.



Imisebenzi yokwenziwa ngamaqembu amancane

Khumbuza abafundi ngemisebenzi abazoyenza bengamaqenjana amancane, imithetho yomsebenzi ngamunye kanye nendlela odinga kuqoqwe ngayo.





You will need:


- A photocopy of the **Present activity page** for each learner
- Jumbo wax crayons
- Scissors
- One box covered with wrapping paper with a written gift card attached to it
- A list of multisyllabic words relating to the story: itafula, upende, ibhulashi, isipho, isusu, ikhabethe, iphepha, okuphuzi

Week 1 Day 5

Whole class activities

Make, draw and write

- 1 Retell the story using the puppets.
- 2 Show the "present" with the written card attached. Read the card: "Dear Ali, Love from Mommy and Daddy." Ask learners to think about why we give gift cards with presents.
- 3 Give each learner an activity page and show learners how to fold the page on the dotted line. Ask learners to imagine that this is a present for them. Show them the wrapping paper and gift tag. Talk about some ideas. Give them a few minutes to think about a present they would like.
- 4 Tell learners to draw their present on the blank side of the paper.
- 5 Let learners colour in the wrapping paper. While learners are busy, walk around and ask each learner who their present is from. Let them write the name on the gift tag. For example: "To Lolo, Love from Granny" or "To Ben, Love from Uncle".
- 6 When learners are finished, put them in pairs and let them show and tell each other about their presents.



Blending and segmenting (syllables)

- 1 Ask learners to sit on the mat. Say one of the words from the list of multisyllabic words and model how to break it into syllables, for example: **u | pe | nde**.
- 2 Choose a learner to stand up and jump for each of the syllables: **u** (one jump) **pe** (one jump) **nde** (one jump). Ask the learner to jump again, and this time learners must clap for each jump.
- 3 Let learners take turns to listen to a word on the list and jump as they break it into syllables.








Small group activities

Remind learners about the small group activities, the rules for each activity and the tidy-up process.







Imisebenzi yokwenziwa ngamaqembu amancane Isonto 1


Nakhu ozokudinga	Imisebenzi
<ul style="list-style-type: none"> • Iphepha elingenalutho lomfundi ngamunye • Inhlanguaniselwa yamakhayoni asamafutha  <div style="border: 1px solid black; padding: 5px; margin-top: 10px;">  <p>Uma abafundi bedinga usizo ngokuthi bazodweba ini, babonise izithombe ezilandelanayo ukuze bazothola amacebo ngabazokudweba.</p> </div>	<p>Umsebenzi 1: Ukudweba nokubhala okuvelayo</p> <ol style="list-style-type: none"> 1 Bhala isihloko sendaba phezulu ekhasini lomfundi elingenalutho ngaphambi kokuthi siqale isifundo. 2 Cela abafundi ukuthi bakhombe amagama esihloko ngenkathi uwafunda. 3 Buza abafundi ukuthi bathande kakhulu yiphi ingxenye yendaba. Nikeza imibono nawe. Isibonelo: "Ngabe uyithandile ingxenye lapho u-Ali egibela khona ukuze afinyelele kupende?" 4 Khuthaza abafundi ukuthi badwebe ingxenye abayithanda kakhulu endabeni. 5 Nikeza imibono yakho noma ucele umfundi ngamunye ukuthi akhulume ngomdwebo wakhe. 6 Buza abafundi ukuthi bayathanda yini ukubhala okuthile ngezithombe zabo noma mhlawumbe bafuna kubhale wena yini ngazo. 7 Uma kungukuthi bafuna kube nguwe obhalayo, babandakanye nabo ngokubacela bawasho ngokungasheshi amagama ngenkathi uwabhala. Bhala ukhuluma kuyo yonke imisho yabo. Isibonelo: "U-Ali ... wagibela ... phezu ... Yiliphi igama ofuna ukulandelisa ngalo? kwesihlalo. Ngizobhala igama elithi 'kwesihlalo'." 8 Kubhale njengoba kunjalo okushiwo ngabafundi, igama negama, noma ubabuze ukuthi bayalwamukela yini uguquko emagameni abo ngaphambi kokuthi ulwenze. Khumbula ukubhala kuhlanzeke kucace. 9 Uma sewuqedile ukubhala, bakhuthaze abafundi ukuthi bawufunde kanye nawe umusho. Khomba igama ngalinye ngenkathi ulifunda, bese ubabonga ngemizamo yabo.
<ul style="list-style-type: none"> • Isethi lamakhadi amadomino amibalabala 	<p>Umsebenzi 2: Amaphazili nemidlalo</p> <ol style="list-style-type: none"> 1 Nikeza umfundi ngamunye inani lamakhadi elilingana nelabanye. 2 Makuqale umfundi oyedwa abeke amakhadi phezu kwetafula. Olandelayo uyabheka ukuthi sikhona yini isithombe esinombala wechashazi, noma ichashazi elinombala wesithombe. Uma kunjalo, mababeke ikhadi eduze kwesithombe esinalowo mbala noma lelo chashazi. Kungenjalo, indawo yabo ithathwa ngumfundi olandelayo.
<ul style="list-style-type: none"> • Izincwadi, amaphephabhuku, izincwajana ezigoqiwe, Izincwadi Ezinkulu kanye nezikhangisi 	<p>Umsebenzi 3: Ukufunda ngokuzimela</p> <ol style="list-style-type: none"> 1 Thatha iqoqo labafundi uye nalo ekhoneni elinamabhuku, noma unike iqoqo labafundi amabhuku ambalwa. 2 Ngasekuqaleni, ungabasiza abafundi ukuthi bakhethe incwadi, iphephabhuku noma ipheshana abangathanda ukulifunda. 3 Khombisa ukuthi ibhuku livulwa kanjani, kuyiwe kanjani futhi emakhasini alo. Khombisa abafundi ezinye zezithombe, ubakhuthaze ukuthi bakhethe izingxenye abazokujabulela ukuzifunda. 4 Iya khona ekhoneni lamabhuku uyophonsa iso uphinde ukhuthaze abafundi ukuthi bafunde.



Small group activities for Week 1



You will need	Activities
<ul style="list-style-type: none"> A blank A4 page for each learner Jumbo wax crayons  <p><i>If learners need help thinking of what to draw, show them the sequence pictures to give them ideas.</i></p> 	<p>Activity 1: Drawing and emergent writing</p> <ol style="list-style-type: none"> Write the title of the story at the top of each learner's blank page before the lesson. Ask learners to point to the words of the title as you read them together. Ask learners what part of the story they liked best. Give some suggestions. For example: "Did you like the part when Ali climbed up to reach the paint?" Encourage learners to draw their favourite part of the story. Make a comment or ask each learner to tell you about their drawing. Ask learners if they would like to write something about their picture or if they would like you to write for them. Some learners may only be able to say a few words about their picture. If learners would like you to write for them, keep them involved by asking them to say the words slowly as you write them down. Think aloud as you write their sentence. For example: "Ali ... climbed ... onto ... the ... What word did you want to say next? Chair. I am going to write the word 'chair'." Write exactly what learners tell you, word for word, or ask learners if they agree before making any changes to their wording. Remember to write neatly and clearly. When you have finished writing, encourage learners to read the sentence with you. Point to each word as you read and acknowledge their efforts.
<ul style="list-style-type: none"> A set of Colour domino cards 	<p>Activity 2: Puzzles and games</p> <ol style="list-style-type: none"> Give each learner the same number of cards. One learner starts and places a card on the table. The next learner looks to see if they have a picture matching the colour of the dot or a dot matching the colour of the picture. If they do, they place their card next to the matching picture or dot. If they don't, they miss a turn and the next learner has a turn.
<ul style="list-style-type: none"> Books, magazines, folded little books, Big Books and leaflets 	<p>Activity 3: Independent reading</p> <ol style="list-style-type: none"> Lead the group to the book corner or give the group a pile of books. To begin with, you may need to help learners to choose a book, magazine or leaflet that they would like to read. Demonstrate opening a book and paging through it. Show learners some of the pictures and then encourage learners to each choose something to enjoy reading. Visit the corner to observe and encourage the learners' reading.



Nakhu ozokudinga	Imisebenzi
<ul style="list-style-type: none"> • Umfundi ngamunye uzothola ikhophi lomsebenzi wokugoqa amaphepha osekhasini • Amatshe, amatshe abushelelezi, izinkinobho, ubuhlalu, izincingo ezimboziwe 	<p>Umsebenzi 4: Amakhono omzimba nokubhala ngesandla</p> <ol style="list-style-type: none"> 1 Yenzela abafundi ngamunye ikhophi yekhasi lomsebenzi wokwenziwa elinemigqa eqondile kanye negobile. 2 Chazela abafundi ukuthi kumele bathole amatshe, izinkinobho, ubuhlalu kanye nezinto zokuhlaza amaphayiphi abazokubeka phezu kwemigqa njengomhlobiso onephehthini elihle.
<ul style="list-style-type: none"> • Okudingeka eshashalazini: amabhokisi agoqwe ngephepha lokugoqa, izinto eziba khona edilini njengama bhelundi nezintambo zokuhlobisa, amapuleti amaphepha, izinkomishi zephepha, amakhandlela okuzalwa, izigubhu zeziphuzo ezibandayo, nokunye., iphepha, amakhrayoni nesikele kanye nobumba lokudlala 	<p>Umsebenzi 5: Ukulingisa kokuzenzisa</p> <ol style="list-style-type: none"> 1 Thatha iqoqo labafundi uye nalo ekhoneni lokuzenzisa ufike uhlale nalo phansi masinyane. 2 Funda imithetho elawula ikhona lokuzenzisa, ubakhombise nezinto zeshashalazi. 3 Xoxa nabo ngoMusa no-Ali abanikwa izipho ngumama wabo. Ngabe abafundi bayazithola izipho ezivela emindenini yabo? Abantu abaningi baba nezipho uma kulusuku lokuzalwa noma kunguKhisimuzi noma kuyi-Eid, noma kunguNcibijane. 4 Yithi: <i>“Namuhla nizodlala umdlalo othi Ephathini!”</i>. 5 Qala ngokuthi uthi: <i>“Kuzoba nephathi. Izivakashi zizofika masinyane. Kodwa bhekani, le phathi ayikakalungiselelwa! Ngabe ukudla sekulungile? Imihlobiso yona ngabe seyenziwe? Ziphi izipho?”</i> 6 Iya ekhoneni, noma kanye nje, uyobuka ukhuthaze nabafundi ngomdlalo wabo. Isibonelo: Ungafika khona uzenze ongqongqoza emnyango, uthi: <i>“Sanibona! Sengifikile! Ngiyabonga ukuthi ningimeme kule phathi emnandi. Ha! Yonke into ibukeka iyinhle. Ngiphethe isipho!”</i>





You will need	Activities
<ul style="list-style-type: none"> • A photocopy of the Wrapping paper activity page for each learner • Stones, pebbles, buttons, beads, pipe cleaners 	<p>Activity 4: Fine motor skills and handwriting</p> <ol style="list-style-type: none"> 1 Photocopy the activity page with straight and curvy lines for each learner. 2 Explain to learners that they must choose stones, pebbles, buttons, beads and pipe cleaners to put over the lines to make a beautiful pattern.
<ul style="list-style-type: none"> • Props: boxes covered in wrapping paper, party equipment such as balloons and streamers, paper plates, paper cups, birthday candles, plastic cooldrink bottles, etc., paper, crayons and scissors, playdough 	<p>Activity 5: Pretend play</p> <ol style="list-style-type: none"> 1 Lead the group to the pretend play corner and settle them down quickly. 2 Read the rules for the pretend play corner and show them the new props. 3 Discuss that Musa and Ali were given presents by their mom. Do children get presents in their family? Many people give presents when there is a birthday or when it's Christmas or Eid or New Year. 4 Say: <i>"Today you are going to play It's a party!"</i> 5 Now start them off by saying: <i>"There is going to be a party and the guests are coming soon. But look, the party is not ready! Is the food all set out? Are the decorations up? Where are the presents?"</i> 6 Visit the corner at least once to observe and encourage the learners' game. For example: You could arrive and pretend to knock at the door and say: <i>"Hello! Here I am! Thank you for inviting me to this lovely party. Oh, wow, everything looks beautiful. I have brought a present!"</i>



Nakhu ozokudinga:

- Izithombe ezinkulu ezilandelanayo
- Incwajana ekhophiwe yagoqwa izonikwa umfundi ngamunye

Isonto 2 Usuku 1

Umsebenzi wekilasi lonke

Okunye ukulandelanisa izithombe



- 1 Qala ngabafundi abahlezi kumata. Khethe abafundi abahlezi ngaphambili ekilasini, umfundi ngamunye abambe isithombe esinombala ngokulandelana kwayo (nokho angayilandelanisi imibala).
- 2 Buza abafundi ukuthi izithombe zilandelana ngokwamukelekayo yini. Bacele bakhombe isithombe okumele siveze indaba lapho iqala khona.
- 3 Cela abafundi bendawonye ukuthi baye le nale nezithombe kuze kuhleleke kahle ukulandelana kwendaba. Buza imibuzo efana nokuthi: "Ngubani okhumbula into eyenzeka ngokulandelayo?"
- 4 Uma sewulandelanise kahle izehlakalo zendaba, abafundi kumele baphindele ematafuleni abo.
- 5 Nikeza umfundi ngamunye incwadi encane. Bakhuthaze ukuthi babuke ikhava, bafunde isihloko sendaba.
- 6 Siza abafundi ukuthi balandele indaba ngezithombe encwadini encane, ubasize ukuthi baqaphele ukuthi izithombe encwadini ziyafana nezithombe ezilandelanisa indaba.
- 7 Uma isikhathi sikhona, abafundi "bangafunda" incwadi encane ngamunye, bayifundele abangane babo ekilasini.
- 8 Khuthaza abafundi ukuthatha izincwadi baye nazo emindenini yabo emakhaya.



Ukwethula umsindo othathwe endabeni

- 1 Cela abafundi bahlale phansi kumata balalele okushoyo ngokuqikelela. Yisho la mazwi owathathe endabeni: "othandekayo, obomvu, ophuzi, osatshani, osasibhakabhaka, okwenzekayo, okulandelayo, onjani, owawusele, opende. Uyayizwa imisindo okugxilwe kuyo: **obomvu**, **ophuzi**, **opende**, **okulandelayo**? Yebo, uqinisile! Wonke anomsindo **lo!**."
- 2 "Lalelisisa, nanka amagama aqala ngomsindo **lo!**: omisa, omude, upopo, isondo, inombolo, igobolondo, i-othsi, i-olivi." (Gcizelela imisindo engasekuqaleni ngenkathi usho la magama.)
- 3 Yisho lo msindo **lo!** ngokucacile bese utshela abafundi ukuthi babukisise umlomo wakho.
- 4 Cela abafundi ukuthi basho lo msindo **lo!**: "o-o-o". Yenza lokhu kube wumdlalo omnandi: yisholo phansi, phakamisa izwi, wusho ubheke odongeni, wusho uwubhekise kusilingi kanye nakubafundi abanye.

Imisebenzi yokwenziwa ngamaqembu amancane

Khumbuza abafundi ngemisebenzi abazoyenza bengamaqenjama amancane, imithetho yomsebenzi ngamunye kanye nendlela odinga kuqoqwe ngayo.





You will need:

- Big sequence pictures
- Photocopied and folded little book for each child

Week 2 Day 1

Whole class activities

More sequencing pictures

- 1 Begin with learners sitting on the mat. Choose learners to stand in front of the class, each holding one of the colour sequence pictures (not in the correct order).
- 2 Ask learners if the pictures are in the correct order. Ask them to point out the picture which should be at the beginning of the story.
- 3 Together as a group, ask learners who are holding the pictures to move around until the story makes sense. Ask questions such as: “Who can remember what happened next?”
- 4 Once you have sequenced the story, learners must move to their tables.
- 5 Give each learner a little book. Encourage them to look at the cover and read the title of the story with them.
- 6 Take learners on a picture walk through the little book, helping them to notice that the pictures in the book are the same as the sequence pictures.
- 7 If there is time, learners can “read” their little book to a partner in the class. Encourage learners to take the books home to read with their families.
- 8 Encourage learners to take the books home to read with their families.



Introducing a sound from the story

- 1 Ask learners to sit on the mat and listen carefully to you. Say these words from the story: “othandekayo, obomvu, ophuzi, osatshani, osasibhakabhaka, okwenzekayo, okulandelayo, onjani, owawusele, opende. Can you hear the focus sound: **o**bomvu, **o**phuzi, **o**pende, **o**kulandelayo? Yes, you are right! They all have the sound /o/.”
- 2 “Listen carefully, here are some more words with /o/: omisa, omude, upopo, isondo, inombolo, igobolondo, i-othsi, i-olivi.” (Emphasise the focus sound as you say these words.)
- 3 Say the sound /o/ clearly and tell learners to watch your mouth carefully.
- 4 Ask learners to say the sound /o/: “**o-o-o**”. Make this fun: Say it softly, loudly, to the wall, to the ceiling and to each other.

Small group activities

Explain that learners will be working in small groups each day. Explain and show how each activity is done and explain the daily rotation. Explain the tidy-up process.





Nakhu ozokudinga:

- Incwadi Enkulu: *U-Ali nopende*
- Amanzi asezitsheni zokuphatha nebhulashi lokupende kuzotholwa umfundi ngamunye

Isonto 2 Usuku 2

Umsebenzi wekilasi lonke


Ukufunda ngokubambisana – Incwadi Enkulu

- 1 Khuthaza abafundi ukuthi babuke ikhava, bese bekhuluma ngalokho abakubonayo nababona ukuthi bayakwazi.
- 2 Fundela ikilasi isihloko sendaba. Khomba igama ngalinye ngenkathi ufunda. Sifunde futhi isihloko, bese ucela abafundi ukuthi basifunde kanye nawe.
- 3 Siza abafundi ukuthi balandele izithombe encwadini yonke, baxoxe ngazo, bese ubakhuthaza ukuthi babuze imibuzo.
- 4 Khomba izinombolo zekhasi, ukhulume ngokuthi iyiphi inamba ezolandela.
- 5 Uma "sewuyiphenyaphenyile" yonke incwadi, buyela ekuqaleni uyofunda isihloko futhi. Bese uphenya amakhasi ufunde umusho ngamunye ngezwi elicacile owazalwa nalo. Khomba igama ngalinye ngenkathi ufunda.
- 6 Phinda uyifunde incwadi ukhuthaze abafundi ukuthi "bafunde" kanye nawe.



Ukwakha uhlamvu


- 1 Khumbuza abafundi ngomsindo okugxilwe kuwo. Buza kubo ukuthi ukhona yini onegama eliqala ngohlamvu /o/ noma akhona yini amanye amagama abangawacabanga aqala ngohlamvu /o/.
- 2 Fundisa abafundi iminyakazo ehambisana nomsindo lowo. Isib: Abafundi bengenza sengathi bathukile bese benza isimo sika 'o' ngezandla zabo bese besibeka emlonyeni yabo esandingilizi ngesikhathi bethi /o/.
- 3 Buza abafundi ukuthi bayakhumbula yini ukuthi uhlamvu o lubhalwa kanjani. Bancome emizameni yabo, bese ubhala uhlamvu olukhulu ebhodini noma emoyeni ngenkathi usho la mazwi: "Qala echashazini, jikeleza."
- 4 Dedela abafundi bazejwayeze ukwakha uhlamvu emoyeni, kukhaphethi, emhlane womunye nomunye noma ezandleni. Bangazama futhi ukusebenzisa imizimba yabo ukwakha uhlamvu.
- 5 Uma sewuqedile ukubakhombisa ukuthi uhlamvu lubhalwa kanjani, iya ngaphandle bese unika umfundi ngamunye isitsha sokuphatha esinamanzi nebhulashi lokupenda. Abafundi bengadweba uhlamvu ngamanzi ophahleni izikhathi eziningi.
- 6 Khuthaza abafundi ukuthi basho umsindo bawenze futhi ngenkathi bebhala uhlamvu.



Imisebenzi yokwenziwa ngamaqembu amancane

Khumbuza abafundi ngemisebenzi abazoyenza bengamaqenjana amancane, imithetho yomsebenzi ngamunye kanye nendlela odinga kuqoqwe ngayo.





You will need:

- Big Book: *Ali and the paint*
- Water containers and a paintbrush for each learner

Week 2 Day 2

Whole class activities


Shared reading – Big Book

- 1 Encourage learners to look at the cover picture and talk about what they see and recognise.
- 2 Read the title of the story to the class. Point to each word as you read. Read it again and ask learners to read with you.
- 3 Take learners on a picture walk through the book, discussing the pictures and encouraging learners to ask questions.
- 4 Point out the page numbers and talk about what number will come next.
- 5 When you have “walked” through the whole book, go back to the beginning and read the title again. Then turn the pages and read each sentence in a clear and natural voice. Point to each word as you read.
- 6 Read the book again and encourage learners to read with you.



Forming the letter

- 1 Remind learners of the focus sound. Ask learners if anyone’s name starts with /io/ or if they can think of any other words that start with the sound /o/.
- 2 Teach learners an action associated with the sound. For example: Learners can pretend to be shocked and make an ‘o’ shape with their hand and put it in front of a rounded mouth while saying /o/.
- 3 Show learners how to write the letter i. Praise their attempts, then write a large letter on the board or in the air while saying the following: “Start at the dot, go around.”
- 4 Let learners practise the letter formation in the air, on the mat, on each other’s backs or on their hands.
- 5 Once you have modelled how to write the letter, go outside and give each learner a container with water and a paintbrush. Learners can paint a letter many times in water on the paving.
- 6 Encourage learners to say the sound the letter makes as they write the letter.



Small group activities

Remind learners about the small group activities, the rules for each activity and the tidy-up process.



Nakhu ozokudinga:

- Ikhophi lekhasi **lomsebenzi wezimo** kumfundi ngamunye
- Amakhrayoni amathathu (elimbomvu, eluhlaza okotshani neluhlaza okwesibhakabhaka) kuzotholwa umfundi ngamunye
- Ibhokisi lezinhlamvu eliqukethe izinto noma izithombe zezinto ngomsindo **o**: upopo, isondo, inombolo, igobolondo, ishongololo, ifosholo, isonto, ogogo, isobho

Isonto 2 Usuku 3

Umsebenzi wekilasi lonke

Ukuzejwayeza ukulalela

- 1 Hlalisa abafundi ematafuleni ubatshele bazinze ukuze ikilasi lithobe lithule umsindo.
- 2 Qala umsebenzi wokulalela namuhla ngokuthi: *“Masivaleni amehlo, sithule du imizuzwana embalwa ngenkathi silalele ngokucophelela imisindo esizungezile.”* Tshela abafundi ukuthi bavule amehlo manje bese bexoxa ngayo imisindo abayizwile. Xoxa nawe ngemisindo eseduzane nabo ezwakala iphakeme, usho nokuthi yimiphi ezwakalela phansi echaza ukuthi ikude. Tshela abafundi ukuthi bazokwenza umsebenzi lapho bezolalela khona ngokucophelela lokhu ozokusho.
- 3 Manje phakamisa ikhrayoni usho igama lombala walo. Cela abafundi ukuthi bacoshe ikhrayoni elinalowo mbala phambi kwabo. Khuluma ngezwi elicacile elingasheshi.
- 4 Emva kwalokho khomba isikwele, ukhumbuze abafundi ukuthi isipho sikaMusa besinesimo sesikwele. Bacele ukuthi bakhombe isimo esiyindilinga, esifana nebholo lika-Ali. Emva kwalokho ubuze ukuthi ubani owaziyo ukuthi yisiphi isimo esingunxantathu.
- 5 Khomba isimo ngasinye, usho igama laleso simo. Emva kwalokho yethula le miyalelo ngokunensa nangokucacile:
 - ★ *“Coshani amakhrayoni abomvu. Fakani umbala obomvu ezindilingeni.”*
 - ★ *“Coshani amakhrayoni asatshani. Fakani umbala osatshani konxantathu.”*
 - ★ *“Coshani amakhrayoni asasibhakabhaka. Fakani umbala osasibhakabhaka ezikweleni.”*

Amabhokisi ezinhlamvu


- 1 Cela abafundi ukuthi bahlale kumata bese ubakhombisa ngamunye izinto noma izithombe ezisebhokisini lezinhlamvu. Babuze amagama ezinto. Uma kunabafundi abakhuluma ezinye izilimi, bacele batshele abanye abafundi ukuthi bazibiza ngani lezi zinto ngezilimi abazikhuluma emakhaya. Bese unikeza igama lento ngayinye ngolimi okufundiswa ngalo. Banike izinto noma izithombe baziphathe bazidlulisele komunye nomunye umfundi.
- 2 Buza imibuzo ephathelene nezinto: *“Uke wayibona into efana nale? Sensani ngalokhu? Kumbala muni? Kuzwakala kanjani uma ukuthinta?”*
- 3 Yisho amagama ezinto, ugcizelele umsindo okugxilwe kuwo. Buza abafundi ukuthi bayawuzwa yini umsindo okugxilwe kuwo.
- 4 Cela abafundi ukuthi basho igama lento ngayinye bese ugcizelele umsindo okugxilwe kuwo.
- 5 Uma abafundi sebezwayezile imisindo emisha, bakhombise uhlamvu olusebhokisini lezinhlamvu, bese uthi: *“Lolu hlamvu luveza ukuthi silubhala kanjani uhlamvu o”*. Cela abambalwa kubafundi ukuthi babhale phezu kwemigqa yohlamvu ngeminwe yabo.



Imisebenzi yokwenziwa ngamaqembu amancane

Khumbuzwa abafundi ngemisebenzi abazoyenza bengamaqenjana amancane, imithetho yomsebenzi ngamunye kanye nendlela odinga kuqoqwe ngayo.





You will need:

- A photocopy of the **Shapes activity page** for each learner
- Three coloured crayons (red, green and blue) for each learner
- A letter box containing objects or pictures of objects that start with **o**: upopo, isondo, inombolo, igobolondo, ishongololo, ifosholo, isonto, ogogo, isobho

Week 2 Day 3


Whole class activities

Learning to listen

- 1 Seat learners at tables and settle everyone down so that the class is quiet and calm.
- 2 Begin today's listening activity by saying: "Let's close our eyes and be quiet for a few minutes while we listen carefully to the sounds around us." Now tell learners to open their eyes and talk about the sounds they heard. Talk about which sounds are near or close to them (louder) and which ones are far away (softer). Tell learners that they are going to do an activity where they must listen carefully to what you say.
- 3 Now hold up each crayon and say the name of the colour. Ask learners to pick up the matching crayon in front of them. Speak in a clear, steady voice.
- 4 Then point to the square and remind learners that Musa's present had a shape like a square. Ask them to point to a shape that is round, like Ali's ball. Then ask if anyone knows which shape is a triangle.
- 5 Point to each shape and say the name of the shape. Then give the instructions slowly and clearly:
 - ★ "Pick up your red crayon. Colour the circles red."
 - ★ "Pick up your green crayon. Colour the triangles green."
 - ★ "Pick up your blue crayon. Colour the squares blue."

Letter boxes

- 1 Ask learners to sit on the mat and show them the objects and pictures in the letter box one at a time. Ask them for the names of the objects. If there are learners who speak different languages, ask them to tell the class what they call the object in their home language. Then give the word in the language of instruction. Let them hold the objects or pictures and pass them around.
- 2 Ask questions about the objects: "Have you seen one of these? What do we use this for? What colour is it? How does it feel?"
- 3 Say the names of the objects while emphasising the focus sound. Ask learners if they can hear the focus sound.
- 4 Ask learners to say the name of each object and emphasise the focus sound when they say the words.
- 5 Once learners have practised the new sound, show them the letter on the letter box and say: "This letter is how we write **o**." Let some learners trace over the letter on the lid with their fingers.



Small group activities

Remind learners about the small group activities, the rules for each activity and the tidy-up process.



Nakhu ozokudinga:

- Izingcezu ezine zamakhadibhodi amhlophe noma iphepha anezimpawu "obomvu", "oluhlaza sasibhakabhaka", "oluhlaza satshani", "oluphuzi" (bhala lamagama aqondene namakhadi emibalabala), isithombe sento ekulombala osocezwini lekhadibhodi ngalinye
- Iphephabhuku
- Isikele
- Nengcino

Isonto 2 Usuku 4

Umsebenzi wekilasi lonke

Funda bese wenza


- 1 Khombisa abafundi amabhodi amane bese ubacela "bafunde" igama ngalinye lombala elisebhodini. Qondanisa imibala kapende naleyo esendabeni. Buza abafundi ukuthi yimuphi umbala obusasele ebhokisini (ngophuzi).
- 2 Khuluma ngezibonelo zezithombe nokuthi zihambisana kanjani nombala.
- 3 Chaza ukuthi umfundi ngamunye kumele athole isithombe esinombala azosinamathisela ebhodini lemibala ngalinye.
- 4 Khombisa ukuthi bazifune kanjani ephephabhukwini izithombe eziziqhathaniswa nemibala emine.
- 5 Chaza ukuthi uma abafundi sebezitholile izithombe eziqhathanisekayo nemibala, kumele bazisike bazikhiphe.
- 6 Uma sebeye baba nesikhathi esanele, cela bonke abafundi abanezithombe ezinemibala eqhathanisekayo nombala obomvu baphakamise izandla. Cela umfundi oyedwa aziqoqe izithombe, akusize uzinamathisele ngegulu ebhodini elinombala ofanayo. Xoxa ngaleli bhodi, unike izinto amagama, uphinde ubaklomelise abafundi. Yisho okuthi akufane nalokhu: "Bonani, imoto enombala obomvu ngokucwebezelayo! Ngubani othole lo mbala? Wenze kahle, Sara!"
- 7 Yenza okufanayo nangalena eminye imibala.


Ukulalela imisindo okugxilwe kuyo

- 1 Cula leli culo elilandelayo kanje "Uma ujabulile futhi wazi".
 - ★ Uma igama lakho liqala ngohlamvu **/m/**, sukuma;
 - ★ Uma igama lakho liqala ngohlamvu **/m/**, sukuma;
 - ★ Uma igama lakho liqala ngohlamvu **/m/**, sukuma bese uyakhothama;
 - ★ Uma igama lakho liqala ngohlamvu **/m/**, sukuma.
- 2 Liphindaphinde uguqule imisindo neminyakazo, njengokuthi "shaya izandla", "phenduka", njalo-njalo.

Imisebenzi yokwenziwa ngamaqembu amancane

Khumbuza abafundi ngemisebenzi abazoyenza bengamaqenjane amancane, imithetho yomsebenzi ngamunye kanye nendlela odinga kuqoqwe ngayo.





You will need:

- Four large pieces of white cardboard or paper labelled “red”, “blue”, “green” and “yellow” (write these words on the corresponding colour cards), a picture of an object in that colour on each piece of cardboard
- Magazines
- Scissors
- Glue

Week 2 Day 4


Whole class activities

Read and do

- 1 Show learners the four boards and ask them to “read” the colour word on each board. Make a connection to the paint colours in the story. Ask learners which colour was still in the box (yellow).
- 2 Talk about the example pictures and how they match the colour.
- 3 Explain that each learner must find one colour picture to paste on each of the colour boards.
- 4 Demonstrate how to look through a magazine to find pictures to match the four colours.
- 5 Explain that when learners have found a picture matching one of the colours, they must cut it out.
- 6 When they have had enough time, ask all learners with pictures that match the colour red to raise their hands. Ask a learner to collect these pictures and help you to glue them onto the matching board. Talk about the board, naming the objects and giving credit to learners. Say something like: “Look, a shiny red car! Who found this picture? Well done, Sara!”
- 7 Go through the same process with the other colours.

Listening for focus sounds

- 1 Sing the following song to the tune of “If you’re happy and you know it”.
 - ★ If your name begins with /m/, then stand up;
 - ★ If your name begins with /m/, then stand up;
 - ★ If your name begins with /m/, stand up and take a bow;
 - ★ If your name begins with /m/, then stand up.
- 2 Repeat with different sounds and movements, such as “clap your hands”, “turn around”, and so on.



Small group activities

Remind learners about the small group activities, the rules for each activity and the tidy-up process.



Nakhu ozokudinga:

- Izithombe noma izincwadi ezibonisa ubuhle bothingo lwenkosazana
- Ucezu olukhulu lwephepha elimhlophe
- Upende onombala, izitsha zokuphatha amanzi, amathawula
- Amagama amaqoqo ezinhlamvu eziningi ahlobene nendaba: itafula, upende, ibhulashi, isipho, isusu, ikhabethe, iphepha, okuphuzi

UStella uthi:




Ukupenda iminwe kukhuthaza abafundi ukuthi bakwazi ukubona abalingiswa baka Ali endabeni. Kungaba umsebenzi ongadala ukungcola, yenza isiqiniseko sokuthi abafundi basebenzela endaweni evulekile futhi abangakwazi ukuthi bathole izinto zokugeza noma ukuhlanza.

Isonto 2 Usuku 5

Umsebenzi wekilasi lonke

Yakha, udwebe bese uyabhala

- 1 Cela abafundi ukuthi babuke izithombe zothingo lwenkosazana bese bekhomba imibala kapende endabeni.
- 2 Batshele ukuthi bazopenda uthingo lwenkosazana ephepheni elikhulu.
- 3 Bakhombise ukuthi bazopenda ngeminwe yabo, njengoba kwenze u-Ali endabeni.
- 4 Bakhumbuze ukuthi kumele bayisebenzise yonke imibala uma benza uthingo lwenkosazana, kungabi nje umbala owodwa.
- 5 Khuthaza abafundi ukuthi basebenzise ikhasi lonke, kanti uthingo lwabo lwenkosazana kumele lube lukhulu.




Ukuhlanganisa nokuhlukanisa (amalunga)

- 1 Cela abafundi ukuthi bahlale kumata. Phimisa igama elilodwa kulawa asohlwini lwamagama amalunga amaningi, uveze ukuthi ahlukaniswa kanjani amalunga awo, isibonelo: **i | su | su**.
- 2 Khetha umfundi ozosukuma agxume elungeni naselungeni elishwiyoyo: **i** (ugxuma kanye) **su** (agxume kanye) **su** (agxume kanye). Mcele agxume futhi, abafundi mabamshayele izandla kukho konke ukugxuma kwakhe.
- 3 Nikeza abafundi bonke ithuba lokulalela igama elisohlwini bese begxuma ngenkathi belehluhanisa ngamalunga.



Imisebenzi yokwenziwa ngamaqembu amancane

Khumbuzisa abafundi ngemisebenzi abazoyenza bengamaqenjama amancane, imithetho yomsebenzi ngamunye kanye nendlela odinga kuqoqwe ngayo.



You will need:


- Pictures or books showing beautiful rainbows
- Large white pieces of paper
- Coloured paint, water containers, towels
- A list of multisyllabic words relating to the story: itafula, upende, ibhulashi, isipho, isusu, ikhabethe, iphepha, okuphuzi

Week 2 Day 5

Whole class activities

Make, draw and write

- 1 Ask learners to look at pictures of rainbows and to point to the colours of the paint in the story.
- 2 Tell learners that they are going to paint a rainbow on the big piece of paper.
- 3 Show learners that they will be painting with their fingers, like Ali did in the story.
- 4 Remind learners to use all the colours to make a rainbow, and not just one colour.
- 5 Encourage learners to use the whole page and to paint a big rainbow.



Stella says:



Finger painting encourages learners to identify with Ali's character in the story. It can be a messy activity, so make sure that learners are working in a suitable space with easy access to washing-up facilities.

Blending and segmenting (syllables)

- 1 Ask learners to sit on the mat. Say one of the words from the list of multisyllabic words and model how to break it into syllables, for example: **i | su | su**.
- 2 Choose a learner to stand up and jump for each of the syllables: **i** (one jump) **su** (one jump) **su** (one jump). Ask the learner to jump again, and this time learners must clap for each jump.
- 3 Let learners take turns to listen to a word from the list and jump as they break it into syllables.








Small group activities

Remind learners about the small group activities, the rules for each activity and the tidy-up process.








Imisebenzi yokwenziwa ngamaqembu amancane Isonto 2

Nakhu ozokudinga	Imisebenzi
<ul style="list-style-type: none"> • Iphepha elingenalutho lomfundi ngamunye • Inhlanguanisele yamakhrayoni asamafutha  <p><i>Uma abafundi bedinga usizo ngokuthi bazodweba ini, babonise izithombe ezilandelayo ukuze bazothola amacebo ngabazokudweba.</i></p>	<p>Umsebenzi 1: Ukudweba nokubhala okuvelayo</p> <ol style="list-style-type: none"> 1 Nikeza umfundi ngamunye iphepha kanye namakhrayoni amibalabala, uchaze ukuthi bazodweba isithombe sika-Ali. 2 Cela abafundi ukuthi basho lo mlolozelo kanye nawe: Ikhala lakho lisatshani, Isisu sakho sibomvu, izinzwane zakho zisasibhakabhaka, kodwa ngiyakuthanda. 3 Babuze ukuthi bayakhumbula yini ukuthi u-Ali yiziphi izingxenye zomzimba wakhe azipendile, nokuthi ngambala muni. Emva kwalokho bangamdweba u-Ali. 4 Uma kungukuthi sebezikhohlwe izitho zomzimba kanye nemibala, bangasho umlolozelo. Uma bewukhohlwa nomlolozelo, bangabheka ukulandelana kwezithombe ukuze bakhumbule.
<ul style="list-style-type: none"> • Isethi lamakhadi amadomino amibalabala 	<p>Umsebenzi 2: Amaphazili nemidlalo</p> <ol style="list-style-type: none"> 1 Nikeza umfundi ngamunye inani lamakhadi elilingana nelabanye. 2 Makuqale umfundi oyedwa abeke amakhadi phezu kwetafula. Olandelayo uyabheka ukuthi sikhona yini isithombe esinombala wechashazi, noma ichashazi elinombala wesithombe. Uma kunjalo, mababeke ikhadi eduze kwesithombe esinalowo mbala noma lelo chashazi. Kungenjalo, indawo yabo ithathwa ngumfundi olandelayo.
<ul style="list-style-type: none"> • Izincwadi, amaphephabhuku, izincwajana ezigoqiwe, Izincwadi Ezinkulu kanye nezikhangisi 	<p>Umsebenzi 3: Ukufunda ngokuzimela</p> <ol style="list-style-type: none"> 1 Thatha iqoqo labafundi uye nalo ekhloneni elinamabhuku, noma unike iqoqo labafundi amabhuku ambalwa. 2 Ngasekuqaleni, ungabasiza abafundi ukuthi bakhethe incwadi, iphephabhuku noma ipheshana abangathanda ukulifunda. 3 Khombisa ukuthi ibhuku livulwa kanjani, kuyiwe kanjani futhi emakhasini alo. Khombisa abafundi ezinye zezithombe, ubakhuthaze ukuthi bakhethe izingxenye abazokujabulela ukuzifunda. 4 Iya khona ekhloneni lamabhuku uyophonsa iso uphinde ukhuthaze abafundi ukuthi bafunde.
<ul style="list-style-type: none"> • Umfundi ngamunye uzothola ikhophi yephepha lokugoqa, ikhasi lemisebenzi 	<p>Umsebenzi 4: Amakhono omzimba nokubhala ngesandla</p> <ol style="list-style-type: none"> 1 Yenzela abafundi ngamunye ikhophi yekhasi lomsebenzi wokwenziwa elinemigqa eqondile kanye negobile. 2 Chazela abafundi ukuthi kumele bathole amatshe, izinkinobho, ubuhlalu kanye nezinto zokuhlaza amaphayiphi abazokubeka phezu kwemigqa njengomhlobiso onepethini elihle.
<ul style="list-style-type: none"> • Okudingeka eshashalazini: amabhokisi agoqwe ngephepha lokugoqa, izinto eziba khona edilini njengama bhelundi nezintambo zokuhlobisa, amapuleti amaphepha, izinkomishi zephepha, amakhandlela okuzalwa, izigubhu zeziphuzo ezibandayo 	<p>Umsebenzi 5: Ukulingisa kokuzenzisa</p> <ol style="list-style-type: none"> 1 Khumbuza abafundi ngezinsiza zasekhloneni lokuzenzisa ubakhuthaze ukuthi baqhubeke nokuzilungiselela kusuka ngesonto 1 lapho bebedlala umdlalo wokwenza sengathi banosuku lokuzalwa bephana izipho. Iya ekhloneni uyoqaphela uphinde ukhuthaze abafundi ngekheona lokuzenzisa. 



Small group activities for Week 2

You will need	Activities
<ul style="list-style-type: none"> A blank A4 page for each learner Jumbo wax crayons  <p><i>If learners need help thinking of what to draw, show them the sequence pictures to give them ideas.</i></p>	<p>Activity 1: Drawing and emergent writing</p> <ol style="list-style-type: none"> Give each learner a piece of paper and coloured crayons and explain that they are going to draw a picture of Ali. Ask learners to say the rhyme together with you: Your nose is green, Your tummy is red, Your toes are blue, And I love you. Ask them if they remembered what body parts Ali painted and what the colours were. They can then draw Ali. If they forget the body parts and colours, they can say the rhyme. If they forget the rhyme, they can look at the sequence pictures to guide them.
<ul style="list-style-type: none"> A set of Colour domino cards 	<p>Activity 2: Puzzles and games</p> <ol style="list-style-type: none"> Give each learner the same number of cards. One learner starts and places a card on the table. The next learner looks to see if they have a picture matching the colour of the dot or a dot matching the colour of the picture. If they do, they place their card next to the matching picture or dot. If they don't, they miss a turn and the next learner has a turn.
<ul style="list-style-type: none"> Books, magazines, folded little books, Big Books and leaflets 	<p>Activity 3: Independent reading</p> <ol style="list-style-type: none"> Lead the group to the book corner or give the group a pile of books. To begin with, you may need to help learners to choose a book, magazine or leaflet that they would like to read. Demonstrate opening a book and paging through it. Show learners some of the pictures and then encourage learners to each choose something to enjoy reading. Visit the corner to observe and encourage the learners' reading.
<ul style="list-style-type: none"> A photocopy of the Wrapping paper activity page for each learner 	<p>Activity 4: Fine motor skills and handwriting</p> <ol style="list-style-type: none"> Photocopy the activity page with straight and curvy lines for each learner. Explain to learners that they must use crayons to draw in between the lines to make beautiful coloured wrapping paper with stripes and curves.
<ul style="list-style-type: none"> Props: boxes covered in wrapping paper, balloons and streamers, paper plates, paper cups, birthday candles, cooldrink bottles 	<p>Activity 5: Pretend play</p> <ol style="list-style-type: none"> Remind learners about the props in the pretend play corner and encourage them to continue from Week 1 when they pretended to have a party and give presents. Visit the corner to observe and encourage the learners' pretend play.



★ Usuku oluhle

Indaba

Namuhla uMgqibelo omuhle ekuseni, ilanga lingena ngefasitela lekamelo likaNikho. UNikho uyavuka, uyazelula; usethi: "Libalele namuhla izulu, kanti kukhona engifuna ukukwenza!" UNikho ubona umama wakhe, uyamcela: "Mama, singaya epikinikini namuhla/singaya epaki ukoyokwenza iphikhinikhi? Angeza nathi umngane wami uJako? Inja yona, sengisho uFifi phela?" Umama naye ucela uBaba, uBaba uyavuma. Umama upakishela umndeni ukudla abakuthandayo ukufaka kubhasikidi wepikiniki. UBaba uthi kuzophathwa nguye.

Ubaba, uama, umntwana wentombazane, uNikho, uJako kanye noFifi,inja, bahamba baya ezansi nentaba. Bahamba bexoxa ngemidlalo abazoyidlala emfuleni, bejabule.

Uma befika emfuleni, ubaba wa thi: "Sizohlala lapha ukuze sinibuke nidlala emanzini, udadewenu uzogaqa otshanini yena."

UNikho, uJako kanye noFifi bagijima bayongena emanzini aphilile. Xhapha xhapha xhapha! "Masijahani!" kusho uJako.



Emva kokudlala isikhathi eside, baphuma emanzini abafana, sebelambe kakhulu. Bahlala engubeni yokulala lapho kukhona khona umama nomama. Badla bonke amasendwishi katamatisi noshizi kanye nobhanana ohambisana nama-aphula. Emva kwalokho baphuza ijusi. Umama upha uFifi elilodwa lamasendwishi akhe, ulambile naye! Umntwana wentombazane yena uzama ukudla izimbali. UBaba uthi: "Cha, mntanami, awukwazi ukudla izimbali!"

Isikhathi sihambile. Abantwana babe nosuku oluhle kanti bazizwa bekhathele. Sekuyisikhathi sokubuyela ekhaya. Basizana ngokuhlanza indawo abakuyo. Abafana basonga ingubo yokulala, umama ubeletha umntwana, babuyela ekhaya bonke. "Nisale kahle, Nikho. Ngiyabonga, ngibe nosuku olumnandi," kusho uJako. "Uhambe kahle, Jako," kuphendula uNikho.

Sekumnyama ngaphandle, nesibhakabhaka sigcwele izinkanyezi, yisikhathi sokuthi lo mndeni ulale. Bazumeka masinya uNikho benoFifi, baqala nokuphupha ngosuku obelumnandi.

Iphela lapho indaba.



★ A beautiful day

Story

It is a beautiful Saturday morning and the sun is shining into Nicholas's window. Nicholas wakes up, stretches and says: "It's a sunny day today, and I have a plan!" Nicholas finds his mother and asks: "Mommy, can we go for a picnic today? And can my friend Jacob come too? And what about my dog, Fluffy?" Mommy asks Daddy and he says yes. Mommy packs the family's favourite food into the picnic basket and Daddy says he will carry it.

Daddy, Mommy, baby sister, Nicholas, Jacob and Fluffy the dog all walk down the hill. They talk happily about the games they will play in the river.

When they get to the river, Daddy says: "Let's sit here so that we can see you playing in the water and your sister can crawl in the grass."

Nicholas, Jacob and Fluffy run and jump into the cool water. Splash, splash, splash! "Let's chase each other," says Jacob.



After lots of playing, the boys get out of the water because they are so hungry. They sit on the blanket with Mommy and Daddy. They all eat tomato and cheese sandwiches and bananas and apples and they drink fruit juice. Mommy gives Fluffy one of her sandwiches, he is hungry too! Baby sister tries to eat flowers. Daddy says: "No my darling, you can't eat flowers!"

It is getting late. The children have had a fun day and are feeling tired. It is time to go home. Everyone helps to tidy up. The boys fold the blanket, Mommy puts the baby on her back and they all walk home. "Good bye, Nicholas. Thank you for a fun day," says Jacob. "Go well, Jacob," answers Nicholas.

It is dark outside and the sky is full of stars, time for the family to sleep. Soon Nicholas and Fluffy are fast asleep and dreaming of their fun day out.

And that is the end of the story.





Iculo

Siya epikinikini, epikinikini,
epikinikini, Siya epikinikini
Ngosuku kushisa.

Masipakishe ubhasikidi, ubhasikidi, ubhasikidi Masipakishe ubhasikidi
Ngosuku kushisa.

Masigxum' emfuleni, emfuleni, emfuleni
Masigxum' emfuleni
Ngosuku kushisa.

Sidl' amasendwishi amnandi Sidl' amasendwishi
amnandi
Ngosuku kushisa.

Masiye ekhaya siyolala, yebo, manje siyolala,
manje siyolala Masiy' ekhaya siyolala
Sibe noluhl' usuku!



(Cula ulingise iculo elithi, "Here we go round the mulberry bush" noma usebenzise elakho iculo.)

Amagama amasha endabeni

Amagama awukhiye	ipikiniki	ubhasikidi	lambile	umfula	isibhalala	isendwishi
Amagama ongeziwe:	izithelo	ubhanana	i-apula	ijusi	imbali	jaha
	xhapha	gxuma	bhukuda	pakisha	intaba	thandekayo





Song

We're going on a picnic, a picnic, a picnic
We're going on a picnic
On this sunny day.

Let's pack a basket, a basket, a basket
Let's pack a basket
On this sunny day.

Let's jump in the river, the river, the river
Let's jump in the river
On this sunny day.

We're eating yummy sandwiches, sandwiches,
sandwiches
We're eating yummy sandwiches
On this sunny day.

Let's go home to sleep now, to sleep now, to sleep now
Let's go home to sleep now
We had a lovely day!



(Sing to the tune of "Here we go round the mulberry bush" or use your own tune.)

Vocabulary from the story

Key-words:	picnic	basket	hungry	river	blanket	sandwiches
Extra words:	fruit	banana	apple	juice	flower	chase
	splash	jump	wake up	pack up	hill	favourite





Nakhu ozokudinga:

- Indaba: *Usuku oluhle*
- Amaphaphethi: uMama, ubaba, uNicholas, uJacob, ubhasikidi wephikhinikhi, usisi omncane nenja uFifi
- Okudingeka eshashalazini: ubhasikidi, izithelo noma ozokuzenzela, itshali, ithyizi lenja, izimbali zokuzenzelanoma zokuzenzela
- Izinto noma amakhadi anezithombe noma amagama athathwe ohlwini lwamagama amasha.

Isonto 1 Usuku 1

Umsebenzi wekilasi lonke

Yisho la mazwi *Ameblo amabili okubona* ukuqwashisa abafundi ukuthi sekuyisikhathi sokuxoxa izindaba.

Ukuxoxa indaba nokwakha uhlu lwamagama amasha

1 Ngaphambi kokuxoxa indaba

- 1.1 Tshela abafundi isihloko sendaba bese wethula abalingiswa usebenzisa amaphaphethi.
- 1.2 Fanisa indaba nempilo yabafundi: Khuluma ngemindeni yabafundi bese uxoxa ngobudala beminyaka yabafowabo nawodadewabo babafundi.
- 1.3 Yithi: *“Ngaphambi kokuthi siqale, ngifuna ukunitshela ukuthi yimaphi amagama amasha esizowathola kule ndaba.”* Xoxa ngamagama abalulekile asemagameni amasha, ukhombise abafundi into ethile noma isithombe, noma wenze okuthile ukubakhombisa ukuthi igama lisho ukuthini. Isibonelo: Khipha itshali lephikhinikhi nobhasikidi kanye pekuleti lokudla.

2 Ngenkathi uxoxa indaba

- 2.1 Yixoxe ngomdlandla, uguqule izwi njalo.
- 2.2 Nyakaza uphinde usebenzise amaphaphethi nezinto zeshashalazi.
- 2.3 Cela abafundi ukuthi baqagele ukuthi kungahle kwenzekeni endabeni, ngokulandelayo ubenze babe yingxenywe yendaba ngokubabuza imibuzo enezimpundo eziningi, efana nokuthi: *“Ucabanga ukuthi izingane zizokwenzanjani uma zifika emfuleni? Bazodlani ngesidlo sasemini? Ucabanga ukuthi bazokwenzenjani uma befika ekhaya?”*

3 Emva kokuxoxa indaba

- 3.1 Buza abafundi uthi: *“Yini eniyithandile endabeni? Yini eningayithandanga? Iyiphi ingxenywe ebe mnandi kakhulu? Mibuzo mini eninayo ngendaba?”*

Ukwethula umsindo othathwe endabeni

- 1 Cela abafundi bahlale phansi kumata balalele okushoyo ngokuqikelela. Yisho la mazwi owathathe endabeni: *“ifasitela, uFifi, ukufaka, befika, abafana. Uyayizwa imisindo okugxilwe kuyo: ifasitela, uFifi, ukufaka, abafana? Yebo, uqinisile! Wonke anomsindo /f/.”*
- 2 *“Lalelisa, nanka amagama aqala ngomsindo /f/: funa, funda, faza, ifu, ufudu, ifulegi, ifulawa.”* (Gcizelela imisindo engasekuqaleni ngenkathi usho la magama.)
- 3 Yisho lo msindo /f/ ngokucacile bese utshela abafundi ukuthi babukisise umlomo wakho.
- 4 Cela abafundi ukuthi basho lo msindo /f/: **“f-f-f”**. Yenza lokhu kube wumdlalo omnandi: yisholo phansi, phakamisa izwi, wusho ubheke odongeni, wusho uwubhekise kusilingi kanye nakubafundi abanye.

Imisebenzi yokwenziwa ngamaqembu amancane

Chazela abafundi ukuthi sebezosebenza ngamaqenjana nsuku zonke. Chaza uphinde ukhombise ukuthi lo msebenzi wokwenziwa wenziwa kanjani, uchaze ukudedelana kwabo ngosuku nosuku. Chaza ukuthi bazoqoqa kanjani ekugcineni.





You will need:

- Story: *A beautiful day*
- Puppets: Mother, Father, Nicholas, Jacob, picnic basket, baby sister and Fluffy the dog
- Props: basket, real or pretend fruit, a blanket, a toy dog, real or pretend flowers
- Objects or picture cards for some of the words from the vocabulary list

Week 1 Day 1

Whole class activities

Say the rhyme *Two eyes to see* to bring learners to the mat for story time.

Storytelling and building vocabulary

1 Before you tell the story

- 1.1 Tell learners the title of the story and introduce the characters using the puppets.
- 1.2 Relate the story to learners' lives by asking: "Have you ever been on a picnic? What do you do when you go on a picnic? Where can you have a picnic? What kind of food do you eat on a picnic?"
- 1.3 Say: "Before we begin, I want to tell you the meaning of some new words which we will find in the story." Discuss keywords from the vocabulary list and show learners objects to help them understand what words mean. For example, put out a picnic blanket with a basket and a plate with food.

2 While you tell the story

- 2.1 Tell the story in a lively way and use different voices. Do actions and make use of the puppets and props.
- 2.2 Ask learners to predict what happens next in the story and involve them through open-ended questions, such as: "What do you think the children will do when they get to the river? What will they have for lunch? What do you think they will do when they get home?"

3 After you tell the story

- 3.1 Ask learners: "What did you like about the story? What didn't you like? What was your best part? What questions do you have about the story?"

Introducing a sound from the story

- 1 Ask learners to sit on the mat and listen carefully to you. Say these words from the story: "ifasitela, uFifi, ukufaka, befika, abafana. Can you hear the focus sound: **ifasitela**, **uFifi**, **ukufaka**, **abafana**? Yes, you are right! They all have the sound **/f/**."
- 2 "Listen carefully, here are some more words with **/f/**: funa, funda, faza, ifu, ufudu, ifulegi, ifulawa." (Emphasise the focus sound as you say these words.)
- 3 Say the sound **/f/** clearly and tell learners to watch your mouth carefully.
- 4 Ask learners to say the sound **/f/**: "**f-f-f**". Make this fun: Say it softly, loudly, to the wall, to the ceiling and to each other.

Small group activities

Explain that learners will be working in small groups each day. Explain and show how each activity is done and explain the daily rotation. Explain the tidy-up process.



Two eyes to see

One mouth to talk and sing,
Two eyes to see,
Two ears to hear,
Two legs to walk and run;
Here are my hands
Give yours to me – time for
stories everyone!



Nakhu ozokudinga:

- Amaphaphethi asendabeni
- Umculo kanye nezithombe/nezidingeka eshashalazini okomculo



Isonto 1 Usuku 2


Umsebenzi wekilasi lonke

Ukuxoxa indaba kanye nokucula

- 1 Qala ngokukhumbuza abafundi incazelo yamagama owethule ngoSuku-1.
- 2 Phinda uxoxe indaba ngamaphaphethi. Buza imibuzo ngenkathi uxoxa indaba. Khuthaza abafundi ukuthi baqagele ukuthi yini ezokwenzeka ngokulandelayo endabeni.
- 3 Tshela abafundi ukuthi uzobafundisa iculo elisha elizohambisana nendaba.
- 4 Yisho imigqa embalwa yeculo ngokucacile, usho ngokungasheshi, bese ucela abafundi ukuthi bangene bacule kanye nawe. Kungaba lukhuni khona kubafundi ukukhumbula amagama, ngakho bafundise ngezingxenyana ezincane zeculo.
